# UKUBUYA KANYE NEJUBILI

Ngiyabonga, mfowethu. Ningahlala phansi. [Umfowethu ukhuluma ngezilimi. Akuqoshwanga eteyipini. Omunye umfowethu uyahumusha—Umhl.] Amen. Amen. Makabongwe uNkulunkulu. [Umfowethu ukhuluma ngezilimi. Akuqoshwanga eteyipini. Omunye umfowethu uyahumusha.] Amen.

2 Kuyinto enhle kanjani kulobubusuku ukuzwa lokhu kushiwo ngaphambi nje kokuba si . . . ngaphambi kokuba ngize ukuzokhuluma nani, UNkulunkulu uyasethembisa ukuthi Uzosinika ukugcotshwa okusha. Yingakho sihlangene lapha, yingakho lo mhlangano ubizwa.

3 Impela ngikuthatha lokhu njengenhlanhla enkulu ukuba lapha kulobubusuku ukuhlangana nalelibandla futhi, lezi zikhonzi, nomngane wami omuhle, uMfowethu Moore, umkakhe othandekayo, nomndeni wabo, nayo yonke imindeni yeNkosi ebuthanele lesi sikhathi senhlanganyelo, ijubili. Sibuthana ngaseZwini likaNkulunkulu nangasezindumisweni nokukhonza kwabantu baKhe.

4 Futhi impela ngiphuthelwa okuthize ngokungabi khona lapha ukuzwa umfowethu ekhuluma ngokuthululwa, ekuqaleni kokuthululwa kukaMoya oNgcwele ku-Azusa Street eLos Angeles. Futhi ngithumele indoda eqopha amateyipu ngaphambili, uMfowethu Sothmann, olapha ndawondawo, ukuqopha umlayezo kulokhu ukusa ukuze ngikwazi ukuwuzwa. Futhi sishayele izolo ebusuku sadlula esiphephweni, sizama ukufika, kodwa sikugejile, futhi sikhathale kakhulu, kwadingeka sime e-Little Rock cishe, phakathi kwehora leshumi nambili nelokuqala nqo futhi silale isikhashana, Ngilale kwaze kweqa namhlanje ekuseni. Ngakho, sithe ukukhathala, besimatasatasa impela, futhi silungiselela manje ukuya phesheya kwezilwandle nokunye nokunye, ngakho besikhathele kancane nje. Futhi kodwa, ngi . . . yazi ngizokuthokozela ukuzwa lomlayezo walokhokho ngalesosikhathi.

5 Ngesinye isikhathi e, enhla eCanada ngaba nenhlanhla yokuzwa uMfowethu Moore efunda indaba, futhi bengihlala ngizibuza ukuthi leyo ncwadi yashonaphi, Bengifuna ukufunda lokho, mayelana nobuhlungu benhliziyo nokukhala kwalabo bantu ekuthululweni kukaMoya oNgcwele kwasekuqaleni. Ngikholwa ukuthi omunye wabo walahlekelwa ngumntwana omncane noma okuthize, kwadingeka enze . . . engenalo ngisho ibhokisi lokumfaka, kwadingeka kuyosikwa amabhodi futhi kwenziwe ibhokisi lomngcwabo. Futhi o he, benqatshwa kanjani abantu! Kodwa nokho, ngokukholwa okungafi,

waqhubekela phambili ukuze abone ibandla elikhulu namuhla osekulikhiqizile.

6 Kukhombisa ukuthi ukukholwa kungenzani. Ngicabanga ukuthi uma umuntu eke eqiniseke enhliziyweni yabo futhi enokuthile ukukholwa okungabambelelisa okwehange kukho, abafanele neze bayeke, noma ngabe behlulwe kangaki, bafanele baqhubeke.

7 Niyazi, kwakunendoda ngesinye isikhathi eyayifuna ukubhala i . . . yacabanga ukuthi yayingabhala imicu yamahlaya. Akekho owayezokwamukela ikhono lakhe—lakhe, futhi ekugcineni waqala ukubhala izincwadi zomhleli zebandla, futhi waphuma e—egalaji elidadlana eligcwele amagundane futhi wazama ukubhala ezinye izindaba, futhi akekho owayezozamukela, futhi wonke amaphephandaba azenqaba, athi wayengenalo ikhono, kodwa nokho wayekholwa ukuthi wayenalo, futhi waqhubeka futhi waqhubeka. Futhi waqala ukuqaphela okuyinqaba kwegundane elithile elincane elalisegaraji, futhi kulapho indaba kaMickey Mouse yazalwa khona. Futhi uWalt Disney manje, izigidi nezigidi zamadola ukuthi inkampani yakhe, nanoma yini anayo, ibiza lokho, ngoba wayekholwa ukuthi kwakukhona okuthize kuye, okugqumisa okomthambo.

8 Futhi uma umuntu engakwenza lokho ngokwemvelo, kuthiwani-ke ngomuntu ogqumiswa okomthambo ngoMoya oNgcwele, okholwa ukuthi uNkulunkulu ufuna ukuzuza ngempumelelo kwaKhe kulethwe kubantu, futhi uzohlala nomBhalo na?

9 Ngilindele, kuleli viki, imvuselelo emphefumulweni wami uqobo. Ngitshele umkami, izolo, lapho ngizwa izindaba ezinhle, futhi ngagijima ngaya ngale ngase ngimgaxa ngamemeza kakhulu, "Ngikhululekile!" ngase ngiphuma ngangena ekamelweni ngaqala ukukhala izinyembezi. Futhi ngathi, "Uyazi, ngi—ngi—ngi—ngifuna uNkulunkulu anginike imvuselelo kimina uqobo." Ngathi, "Cishe iminyaka emihlanu ngiminyaniswe ngaphansi ko—umthwalo omkhulu okhululiwe manje futhi . . ." Futhi ngacabanga, "O, he, ngehlela kwaMfowethu Jack futhi ngibe nakho konke, abantu bangikhulekele ukuthi ngizoba nemvuselelo phansi kimi uqobo, ngiyidinga ngempela." Ngicabanga ukuthi sonke sizizwa ngaleyo ndlela kakhulu.

Dadewethu Anna Jeanne, ngiyaluthakasela ngempela lolodatshana olubhalile, ikakhulukazi kuleso sigqoko esincane, ngingathanda ukulubona lolo.

10 Ngibonga kakhulu ukubona uDadewethu Moore ngapha, ngazi ukuthi ubegula isikhathi eside; noBilly wangitshela ukuthi uthathe indawo esikhashaneni esedlule ezansi lapha ngento

ethize, bekungubufakazi bomusa kaNkulunkulu, amandla aKhe okuphulukisa.

11 Futhi phakathi nesikhathi kuleliviki, iNkosi ithanda, sifuna ukuba nezinkonzo zokuphulukisa, sikhulekele abagulayo, futhi sihlose ukwenza lokho, futhi sikhulekele wonke umuntu, ozela ukuzokhulekelwa, futhi silindele ukuthi uNkulunkulu asinike okunye ukuthululwa kuka-Azusa Street.

12 Futhi ngakho manje, ngiyakwazi...nibe nakho... Bengicabanga ukuthi imvuselelo, noma, umhlangano, uqale izolo, kodwa ngithola ukuthi ubuqhubeka kusukela ngeSonto eledlule, ngiyakholwa. Ngakho, ngiyazi ukuthi nibe nezikhulumi ezinkulu lapha, futhi sibonga kakhulu ngokuthi umhlangano unalokhu...ufikile kulesi simo sendawo kulobubusuku. Bekungafanele kube nzima kakhulu ukucabanga ngento ethize ongayisho ezethamelini ezinjena ezemukelayo, no—noMoya usuvele ulapha, ngakho uhamba nje ungene kuWo, kuzwakala kukahle ngempela ukwenza lokho. Futhi ngi, yabonga ukuthi njalo ngithola lokho lapha kulelibandla, ukwamukelwa okukahle kukaMoya oNgcwele.

13 Manje, kunabantu abamile, nangaphandle, futhi bekukhona ngenkathi sehla, bebehla, benza umugqa obuyela emuva; bona...akukho ndawo yokungena esitezi esiphezulu noma esingaphansi, kovulandi abasesitezi nezinto. Ngakho, si—sizozama ukusheshisa nje ngokushesha okungenzeka, futhi kulobubusuku, sikhulume nani isikhashana, bese kuthi-ke, kusasa ekuseni, kukhona i—i—isikhathi esabelwe, ngiyakholwa ekuseni. Futhi ngi—ngineqiniso ukuthi wonke umuntu ufuna ukuba lapha kusasa ntambama, uMfowethu Jack uzophendula imibuzo.

Ngithe, "Mfowethu Jack, kuthiwani ngalokho na?"

Wathi, "Ngi—ngi—nginayo impendulo, kodwa angazi ngombuzo," ushilo. Ngakho-ke, ngiyajabula impela ukuthi umthwalo uphezu kwakhe ukuthi aphendule imibuzo.

14 Manje, siyajabula futhi sihlale sithanda ukuhlangana, futhi sixoxe, futhi—futhi sibe nesikhathi esimnandi senhlanganyelo, futhi yilokho okuyikho, kodwa manje ake sizinze manje imizuzwana embalwa ohlangothini oluqotho lwalezi zinto, sazi ukuthi sonke simasha siya ngasekupheleni, usuku nosuku. Bengicabanga ngalokhokho omdala lapha, bangaki ababekhonza naye ku-Azusa Street asebevele bawuwelile lowo mfula. Ngelinye ilanga abanye bethu, uma iNkosi ilibala, siyobe sikhuluma ngemihlangano eShreveport ngejubili, sizoweliswa, abaningi, sifanele sikhumbule ukuthi sifanele sikwenze.

15 Ngakho-ke, kusifanele ukuthi sithathe zonke izinyathelo zokuphepha, asikwazi ukubuya futhi siphinde sizame futhi, sifanele sikwenze manje, ngakho lapho ngiza ezethamelini, angilokothi ngizame ukuza ukuzojabulisa izethameli, Angikaze

ngibe necala lalokho, ngizela ukuzozama ukwanelisa uNkulunkulu. Futhi ngezinye izikhathi ngingasho izinto futhi . . .?. . . zingancinza noma zilimaze, kodwa angikuqondile ngaleyo ndlela; sidinga ukuhlala neqiniso nalokho okulungile, nokubona uMoya oNgcwele wehla ukuzoqinisekisa lokho, ukuthi kunjalo, futhi yilokho sonke esikufunayo.

Manje, ngaphambi kokuba sifunde umBhalo, ngithanda ukuba nje sikhothamise amakhanda ethu futhi okwe—izwi lomkhuleko.

16 Nkulunkulu wethu, sisondela esiHlalweni saKho sobukhosi, kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu. Ukukhuluma nje iGama kwenza okuthile kithi, ngokuba Liyathandeka. Futhi siyenyuka manje, sikhuphuka sisuka kulesi sakhiwo esincane lapha, siya ngale esiqongweni sesakhiwo, ngale kwenyanga, izinkanyezi, singene eBukhoneni baKho nase-altare laKho elikhulu legolide ukubeka ukukholwa kwethu nezicelo zethu phezulu Lapho noMhlatshelo wethu, iNkosi uJesu, futhi siza eGameni laKhe, sazi ukuthi Wathi, "Uma nicela utho kuBaba eGameni laMi, Ngiyakuninika lona."

17 Manje siza kuqala ukuvuma izono zethu, namaphutha ethu, nakho konke okungalungile, o, ba, ningi kakhulu ababo, Nkosi, ukuthi bayabaleka, kodwa nje sinxusa umusa. Futhi sizocela, Nkosi, ukuthi kulesisikhathi esikhulu senhlanganyelo, ukuthi Uzobuyela kithi ngokuthululwa okukhulu kwezibusiso zaKho futhi phezu kwabantu baKho. Njengoba sibona ubumnyama buzinza nehora lisondela, futhi sibone amabandla enwebeka eqhelelana kwelinye nelinye ngehora esiphila kulo, sisondeze futhi, Nkosi, ngezibopho zenhlanganyelo ngaseZwini nangakuMoya.

18 Kwangathi kungabi khona umuntu oseduze, ngaphakathi noma ngaphandle kwalesi sakhiwo, kodwa lowo ozozuziswa kulobubusuku ngokuza kwabo lapha sengathi bangafika ngezinhliziyo ezivulekile, futhi sengathi thina esikhulumayo, singakhuluma ngezinhliziyo ezivulekile, sengathi sonke singazinikela ngokuphelele kuMoya oNgcwele, ukuze Asithathe futhi enze intando yaKhe.

19 SiKubonga ngokuzithoba okukhulu ngoMlayezo onikezwe emizuzwaneni embalwa edlule, ukuthi sizizwela phansi ezinhliziyweni zethu ukuthi sinesithembiso manje ukuthi—ukuthi Uzosivakashela, futhi sibheke ngabomvu kulokho, Nkosi, njengabantwana abanikwe isithembiso.

20 Busisa iZwi, ukufundwa, ungcwelise izindlebe ezizwayo nephimbo elikhulumayo, futhi ubuyisele labo abazulazulayo le babuyele emhlambini, nalabo abasele phakathi, bakhuthaze labo ukuba baqhubeke. Phulukisa wonke umuntu ogulayo, O Nkulunkulu, kwangathi kungabikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu kulobubusuku kodwa ozophulukiswa

ngoBukhona baKho. Sengathi singaqonda ukuthi lokhu yilokho esikhuluma kukho nesikuzwa kusiphendula akusiyo inganekwane, kodwa kungamandla okuvuka kweNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu, Ohlala phakathi kwabantu baKhe. Silalele iPhimbo laKho, Nkosi, ukuzwa ukuthi sifanele senzeni. EGameni likaJesu Kristu, siyakucela. Amen.

21 Manje, ngifuna nina, uma nifisa ukukwenza, niphenye kanye nami eBhayibhelini eNcwadini ka—kaLevitikusi isahluko sama 25, futhi ngifuna ukufunda ivesi le 9 nele 10 ukuze ngidonse kulokhu ingqikithi yalokho engifisa ukukusho.

22 Ngenkathi nisaphenya, ngifuna ukwazisa abangani abathile phakathi lapha engibabonayo kulobubusuku: UMfowethu noDadewethu Williams basePhoenix lapho umhlangano oza khona maduze laphaya, nabantu ePhoenix; Ngibona futhi uMfowethu noDadewethu Norman lapha abavela eTucson; khona emva kwabo uMfowethu noDadewethu Evans abavela ezansi eGeorgia; nabanye abaningi engiqala nje ukubabona nxazonke futhi ngibabone. INkosi inibusise.

KuLevitikusi, isahluko sama 25 nevesi le 9 nele 10:

> *Uyakuthuma izwi lecilongo lejubili elizwakala kakhulu ngolweshumi lwenyanga yesikhombisa, ngosuku lokubuyisana niyakuthuma icilongoo ukuba icilongo likhale ezweni lakini.*
>
> *Niyakuwungcwelisa umnyaka wamashumi ayisihlanu, nimemezele inkululeko ezweni lonke ku . . . abakhileyo khona:* futhi *kuyakuba yijubili kini; nibuyele kube yilowo nalowo efeni lakhe, nibuyele kube yilowo nalowo emndenini wakhe.*

23 Futhi ngifuna ukuthatha indikimba ku: *Ukubuya Kanye NeJubili*. Manje, njengoba ngiqonda, futhi ngitsheliwe, ukuthi lesi yisikhathi seminyaka engamashumi amahlanu edlule namuhla, ngikholwa ukuthi siyiso, uma ngingakuqondi kahle, ukuthi uMoya oNgcwele wathululwa kabusha esifundazweni saseLouisiana.

24 Futhi bengilokhu ngifunda omunye umlando ngomnyakazo wePentecostal, kwenzeka kanjani ukuthi eminyakeni eyikhulu edlule wathululwa eRashiya, bakwenqaba, niyabona ukuthi banani; futhi noma yikuphi lapho uNkulunkulu ethumela khona izibusiso zaKhe futhi abantu bakwenqabe, indawo njalo ingena esiphithiphithini, ivele ibole esimweni sayo. Futhi siqinisekile ukuthi uMlayezo namandla kaNkulunkulu, esikholelwa kuwo sonke, kuyinto exakile . . . exakile kakhulu ezweni nendlela yalo yokucabanga, kuze kube, ngiyakholwa, ukuthi isizwe sakithi empeleni senze lokho bonke abanye babo abakwenzile. Manje, ekuhlonishweni nasekudunyisweni kukaNkulunkulu, siyabonga ngalokho Asiphe khona.

25 No-Israyeli, uNkulunkulu wanika u-Israyeli, owayeyinceku yaKhe, ifa. Futhi sifuna ukukusekela njengesifundo sikaSonto sikole. Mina, kusasa ebusuku, ngihlose ukushumayela ngendaba ethi: *Kungani Futhi Kubuyelwa Kanjani Emuva*. Futhi manje, kulobubusuku ngicabange ukuthi nginga, ngaphezulu noma ngaphansi, ukuze abantu bangakutholi, bangakugeji, njalo, behluleke ukukuthola, ngingathi ukukufundisa njengesifundo salokho okwenzekile, nasenkolweni yami ethembekile neqotho, ukuthi bekuyini, nokuthi kwenzekeni, nokuthi kungani. Bese kuthi-ke kusasa ebusuku: *Sibuya Kanjani Na?*

26 Manje, emfanekisweni, noma isilinganiso, sithatha u-Israyeli ngoba kuyisikhathi sejubili futhi iBandla lanikezwa ingxenye, okwakunguKristu uqobo lwaKhe owathululwa nguMoya oNgcwele enhliziyweni ngayinye eyayizoMemukela futhi babe amadodana kaNkulunkulu. Manje, u-Israyeli wayeyinceku kaNkulunkulu, futhi yena . . . baphiwa ifa, futhi lelifa lalingafanele linikwe noma ubani omunye, lalingelika-Israyeli kuphela, iPalestine ingeyabo.

27 Futhi ukuba besinesikhathi, noma, isikhathi besiyosivumela, njalo, ukuba sibuyele emuva futhi sithathe ukuzalwa kwalabokhokho (Lapho bezalwa yilabo besifazane, futhi, ngamunye lapho umntwana ezalwa, nomama esezinhlungwini zokubeletha washo iphimbo lalokhokho, wambeka ngokwendawo, endaweni yakhe, ePalestine emakhulwini eminyaka kamuva.) singabeka kanjani ithemba lethu kuleliZwi likaNkulunkulu elilotshiwe ngoba Liphefumulelwe kakhulu, ukuthi sonke isigaba saLo silenga ndawonye, futhi Lisidwebela isithombe salokho uNkulunkulu ayeyikho, nalokho uNkulunkulu ayikho, nalokho ayohlala eyikho!

28 Manje, sithola ukuthi ngenkathi uJoshuwa ehlukanisela abantu ifa, umuntu ngamunye wabekwa ngokwendawo, ngayo impela indlela labomama bamaHeberu abaqamba ngayo labobantwana, ukuthi babebekwa kanjani ePalestine endaweni yabo nje: u-Asheri, uGadi, no—noNafetali, nalowo nalowo, uJuda; bonke bavele babekwe endaweni yabo.

29 Isi—isithombe esihle kanje pho okusitholela sona, ngoba ngumfanekiso kaNkulunkulu ebeka eBandleni, qobo lwaKhe, lonke ilunga, lonke itshe, yonke indawo, wonke umKristu, kuye uqobo. Ngamunye wethu ngendlela yakhe eyinqaba unendawo eNdlini kaNkulunkulu, njengethempeli likaSolomoni lapho liqoshwa emhlabeni wonke, kodwa kwathi selingeniswa ngapha . . . ukuya eJopha ngapha, lantanta langena, futhi lathatha lisuka lapho ngekalishi, futhi wonke lawa matshe ayinqaba ayenendawo yawo ngenkathi ithempeli lihlangana.

30 Futhi ngicabanga ukuthi uNkulunkulu, ezansi kulesisikhathi uye wasika amanye amatshe ayinqaba kakhulu ebesingahle singawaqondi, kodwa anendawo yawo ncamashi

ethempelini, ekwakheni kukaNkulunkulu. NoJoshuwa, ngokuphefumulelwa, hhayi nje ngezibalo, yena—yena ngo. . . ephefumulelwe uNkulunkulu wabela ngamunye walabokhokho esikhundleni sabo, njengoba nje igama labo lingelakhona.

31 I—isithombe esinje pho okusibeka phambi kwethu sikaNkulunkulu emsebenzini waKhe wobuciko! Akekho owayengake akwenze ngaphandle kukaNkulunkulu, ayikho indlela yokukwenza, uNkulunkulu yedwa. Kwakuzoba ngokwe-. . .kwakuzoba ingunaphakade labo—labo, kwakuyisipho esivela kuNkulunkulu. UNkulunkulu, ngomusa waKhe omangalisayo, unika lababantu lelizwe kulesi sikhundla futhi wababeka kuso ngokweZwi laKhe nokuzalwa kwabantu, kuphelele nje, ukuthi kwa*hlangana* kanjani ndawonye, futhi ngicabanga ukuthi kwakungumfanekiso.

32 Futhi manje, akekho omunye owayengathatha leyondawo, leyo kwakufanele kube eka-Israyeli yedwa, yibo kuphela ababengathatha lendawo, futhi kusenjalo, izibusiso, endaweni. Futhi uma *ngandlela-thile-noma-enye*, ngalesi sikhathi, uma belahlekelwa ifa labo ngandlela-thile, kungaba indlala, kungahle kube ngenye indlela aba—balahlekelwa ifa labo lapho oyise. . .Omunye wayelishiyela indodana yakhe, wayelishiyela indodana yakhe, lalingelaleso sizwe, lalingelalabo bantu kuze kube phakade, kwakuyifa.

33 Futhi uma ngingayiqondi kahle imiBhalo, Ngiyakholwa enkathini enkulu yeminyaka eyiNkulungwane ezayo, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, bayobuyela ngqo kuleyondawo, ngokuba siyazi ukuthi iSiyoni liyokhanyiswa, lowoMuzi omkhulu, futhi kabayikuba nemini nobusuku lapho u—ukuKhanya kuyolenga eSiyoni, futhi ngiyakholwa ukuthi esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, lezozizwe zizophinda zithathe izikhundla zazo.

34 Manje, uma *ngandlela thize-noma-enye* umuntu ngamunye elahlekelwa ifa lakhe ayelinikwe nguNkulunkulu, nakho kufika unyaka obizwa ngokuthi uNyaka weJubili, futhi lokho kwakungukuthi, njalo eminyakeni eyisikhombisa babeno—nokuphumula, iSabatha, njalo ezinsukwini eziyisikhombisa babeba nesabatha, njalo eminyakeni eyisikhombisa babeneSabatha, amasabatha ayisikhombisa ayeyiminyaka engamashumi amane nesishiyagalolunye, futhi unyaka wamashumi ayisihlanu wawuyiJubili, futhi ngaleliJubili, wonke umuntu owayelahlekelwe yifa lakhe ngandlela thize, uma wayengowazalwa ekhululekile futhi engumIsrayeli wegazi weqiniso, akunandaba ukuthi ubani owayephethe ifa, lalifanele libuyele kuye ekhululekile. Kwakungadingeki akhokhe lutho, kwakungadingeki enze utho, kodwa ayeke nje lokho ayekwenza abuyele efeni lakhe.

35 O, he! Wayenelungelo kulo, kwakuyilungelo alinikwe

nguNkulunkulu, ngokuba yena, ngomusa, wayelidle ifa, futhi laliyonikwa oyise futhi lidluliselwe phansi unyaka nonyaka. Akunendaba ukuthi kwakwenzekeni, uma wayelahlekelwe yilo, kufanele lihambe likhululekile, kwakusho umusa, indlela ehlinzekelwe umuntu ngamunye ukuba abuyele efeni lakhe elingelakhe.

36 Futhi isithombe esinjena okusinika sona kulobubusuku seBandla kulezizinsuku zokugcina! Uyabona lokho umuntu angakwenza khona-ke uyabona lokho uNkulunkulu akwenzayo. Okwenziwa umuntu kuyehluleka, futhi kuyohluleka, kwehlulekile, futhi kuyohlala kwehluleka, kodwa lokho uNkulunkulu akwenzayo kuPhakade futhi kufanele kuhlale kuze kube phakade, akukho okuyoke kukususe. UNkulunkulu ukunikezile, yisipho saKhe samahhala, futhi ngokubona kwaKhe okunamandla okuzibusayo futhi wakubeka, futhi akukho lutho olungake lukunyakazise, lulapho Phakade. Futhi iJubili laliyindlela kaNkulunkulu yokuzwakalisa umusa kubantu baKhe ukuze babuyiselwe noma babuyiselwe esikhundleni sabo esifanele.

37 Manje, ngikholwa ukuthi leli yihora futhi lejubili, ngikholwa ukuthi yisikhathi sejubili. Ngikholwa ukuthi eminyakeni engamashumi amahlanu edlule eLouisiana, lesi sifunda esikhulu lapho abantu bePentecostal benamandla kakhulu futhi beqinile, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ubeke iBandla lisebenza.

38 Futhi angikusho lokhu ngokugxeka, ngikusho ngobuqotho, ukuthi ngikholwa ukuthi nakuba lelodlanzana selikhule laba likhulu, laba namandla amashumi ezinkulungwane aphindwe ngezinkulungwane zamalungu ePentecostal azihlanganisa kuzo zonke izinhlobo zika—zikahulumeni esinawo, futhi zonke, njengamaphoyisa kanye—kanye nababusi, na—namadoda amakhulu, ngisho nakuhulumeni wobumbano. . .Esikhathini esidlule ngaqonda ukuthi ngesikhathi sokubusa kuka-Dwight Eisenhower, ukuthi cishe impela amaphesenti angamashumi amane ezisebenzi zikahulumeni kwakuphakathi kwePentecostal noma babenezwndlalelo zePentecostal.

39 Cabanga ngalokho, phakathi kweminyaka engamashumi amahlanu lapho ibandla selikhule lisuka kubantu abayidlanzana ezansi ku-Azusa Street kuze kube elinye lamabandla anamandla kunawo onke emashela phambili emhlabeni namuhla. Siyabonga ngalokho, futhi ngibonga uNkulunkulu ngalokho, futhi ngijabula kakhulu ukuba ngomunye wabo, ukuthi uNkulunkulu, ngomusa waKhe omangalisayo, wabona kufanele ngelinye ilanga ukungingenisa kubo futhi angenze ingxenye yabo.

40 Futhi akukho nakancane ukuthi ngisho leyonto elandelayo ngokubi, kodwa ngokushisekela ibandla: Kodwa ibandla, nokho, selikhule ngesibalo, futhi selikhule ngamandla,

selikhule kwezezimali, kodwa liwile kulokho elaliyikho ngalolosuku, ngokomoya. Kubekhona . . . Into enkulu kunazo zonke ebingenzeka kubo, noma ngabe baba ngabakhulu ngokwezimali, bakhulu ngezibalo, noma ngabe bafanele bahlale beyingcosana, into enkulu kunazo zonke ababengabambelela kuyo, kwakungaba yilowoMoya oNgcwele ukuthi uNkulunkulu, ngomusa waKhe omangalisayo, wayethulule phezu kwabo ukuba abahole futhi abaqondise.

41 Ngikholwa ukuthi balahlekile, futhi o—okukhulu kwaleyo ntshiseko ababenayo, lowoMlilo ovuthayo owawa futhi wokhela imiphefumulo yabo ngamalangabi, labo abangena emakhoneni emigwaqo, ezimpambanweni-mgwaqo, nasemigwaqweni emikhulu, e, hhayi ngendlela elula esiyihambayo namuhla, kodwa ngendlela yokuhlushwa, ngendlela yosizi, ngendlela yobuhlungu benhliziyo, waliwa yibo bonke.

42 Ngingathanda kanjani kulobubusuku, uma umfowethu olungileyo mhlawumbe engezwa ezweni ngaleya . . . Kodwa ongcwele omdala, owayehlala lapha eShreveport eminyakeni edlule, wayevame ukuhlala ngaphandle, ngenkathi ngiqala ukuza lapha, futhi angitshele, "Mfowethu Branham, uqinisile kakhulu, ibandla lilahlekelwa ukubamba kwalo. O, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzosiza ekulibuyiseleni futhi."

43 Futhi uMfowethu Lyle nami, njengoba sihlezi phandle lapho, lowo ngubaba kaDadewethu Moore, nokuthi wangitshela kanjani ukuthi ezinsukwini zakuqala, emuva kulezo zinsuku lapho babehlushwa futhi bexoshwa kuzo zonke izindawo, ukuthi wayesemhlanganweni kanye lapho ababekhona . . . wayebenqabele ukukhonza iNkosi ngoMoya, kwaqhamuka iqulu labantu ladubula ngamafasitela ngamavolovolo nezibhamu ezinkulu, nodade osekhulile emi kwiphansi ephakamise izandla zakhe emoyeni, edumisa uNkulunkulu, ngenkathi amafasitela edlavazwe izinhlamvu zezibhamu ezinkulu, futhi izinhlamvu zashaya ingubo yowesifazane futhi zawela kwiphansi ngaphandle kokumlimaza.

44 Sidinga ukubuyela emandleni kaNkulunkulu, ne*nto ethize* engenza into efanayo namhlanje. Nakuba ngobuningi bethu . . . Ukuhlusha njalo kunikeza amandla okuqina ebandleni; sibe nakho kulula kakhulu, siyavilapha, sifika endaweni lapho singafuni ukuqhubeka, ngoba yonke into ivele inikezwe thina. Kuthatha usizi, nezinyembezi, nomjuluko, nomkhuleko, nokukholwa, kanye nesithembiso sokuqhubekela phambili ngamandla kaMoya oNgcwele. Leyo ntshiseko namandla ababenawo ngalezo zinsuku sekuyisikhathi eside ashabalala emibuthanweni yethu. Ngiyesaba ukuthi uma kungadutshulwa amafasitela kulobubusuku, abantu bebezogijima yonke indawo bangaphinde babuye futhi.

45 Kodwa . . . Futhi enye into, kubi kakhulu, niyazi, ukucabanga ngalezo zinto zenzeka kanjalo, kodwa nokho kunjalo, kufakazisa ukuthi uNkulunkulu owayekhona ezinsukwini zakudala usenguNkulunkulu namuhla, uNkulunkulu owayekhona, uhlala njalo enguNkulunkulu, futhi Ulindele ukuthi abantu baKhe ukuba—ukuba bagcine izifungo zabo nezithembiso zabo, kodwa lapho sithola yonke into kalula kakhulu, khona-ke siyashelela nje, futhi into yokuqala niyazi, siphumile kulezizinto, silahlekelwe yifa lethu.

46 Manje, funda phansi lapha, cishe ivesi lama 25, noma phakathi ngapha, kulama 20, noma, isahluko sama 25, njalo, kaLevitikusi, ukuthi kwakukhona into engithanda ukuyifanisa, hhayi ngokugxeka, kodwa ngesizotha, ngokuzithoba, nangokwesaba uNkulunkulu, kuYe sonke siseBukhoneni balobubusuku. Niqaphelile, njengoba nikufunda lapho niya ekhaya, uma ningakakuboni, ukuthi uma umuntu ethenge impahla ngaphakathi komuzi obiyelwe ngezingange, khona-ke wayenonyaka owodwa wokuhlenga leyo, uma ethengise ngayo, futhi uma engayihlenganga lelo, leyompahla, uma ingaphakathi kogange, kwakufanele ihlale phakathi lapho, yayingenakukhululwa ngeJubili na? Kwakubophezelekile ukuba ihlale lapho, yayingale kogange, abazange balizwe iJubili, ukukhala kwecilongo. Bakhalisa icilongo futhi ayikwazanga ukukhululeka.

47 Futhi ngiyesaba kakhulu ukuthi enye yezinto esasinazo ekuqaleni, indlela abadala abashumayela ngayo ngokumelene nokuzihlela kwethu ndawonye, sijike senza yona kanye into obaba abayilwa kanzima ukuphuma kuyo. Futhi idolobha elibiyelwe, ngiyesaba ukuthi abaningi bethu namuhla, abaningi kakhulu babantu bakithi bePentecostal babiyelwe ngezingange kwelinye ihlelo, inhlangano ethize ndawondawo, futhi kawusoze uzwe ukukhala kwejubili, ungaphinde ubuyele e—eFeni.

48 Manje, khumbulani, labo ababebiyelwe ngezingange ngaphakathi abakaze bakwazi ukukhululeka, babeyizigqila sonke isikhathi sabo, umnikazi wabo babengabakhe uma befaka ifa labo emzini owawubiyelwe ngezingange, kodwa uma kwakungaphandle, imizi emincanyanyana eyeyingabiyelwe ngezingange, khona-ke kwakuthathwa njengamathafa, ukuze ihambe ikhululeke ngeJubili.

49 Angifisi ukugxeka, kodwa ngifisa kuphela ukusho lokho okuyiqiniso, lokho okuyiqiniso langokomBhalo. Manje, sithola ukuthi abaningi bethu, kulezizinsuku zokugcina, enhlanganweni yethu uqobo yePentekoste, ukuthi siyangena futhi sazihlela, futhi senqaba ukuhola kukaMoya oNgcwele ngokuhlakanipha kwamaqembu athile abantu. Esikhundleni sokuba nenhlanganyelo omunye nomunye, isehlukanise phakathi futhi yasehlusa saba izinhlangano eziningana ezahlukene zabantu, futhi ngokwenza kanjalo, iphule iFa lethu.

50 Manje, lezi zingange, ngaphakathi, lapho uma singake sibiyelwe ngezingange endaweni lapho singeke semukele iZwi noMoya oNgcwele, futhi kufanele uthathe i—izivumokholo nokunye nokunye kwebandla esikhundleni samandla kaMoya oNgcwele, ijubili alisoze lasho lutho kulowo muntu, qhabo. Akunandaba ukuthi ungasho kangakanani ukuthi umama washiya i. . . iFa lakho, ubabayi wakwenza lokho, kodwa wathengisa, futhi wabiyela ngezingange, futhi wangena esivumwenikholo, futhi wemukela lemfundiso-ze eyajovelwa enhlanganyelweni yakho esikhundleni sokukhululeka kuKristu futhi uvumela uMoya oNgcwele asihole.

51 Emuva onyakeni lapho ibandla lokuqala lalizihlanganisa ndawonye, masinyane babefanele baqale ukuhlela, futhi ngenkathi benza, ngoba babesaba ukuthi omunye umuntu wayezo, umholi, uzothola iqembu elincane, babenezinkinga ezafngena, kwase kuthi-ke badingeka ukuba bahlele lezi zinkinga, uma babevele bakushiya phansi nje, badedele uMoya oNgcwele ukususe, futhi ukukhiphe, futhi uhole ngaphakathi, futhi ufake, ibandla ngabe selithuthuke kakhulu kunamanje emandleni okomoya. Yebo.

52 Manje, indoda nomndeni wayo bebengabuyela efeni labo lokuqala uma belizwa iJubili, nokukhala kwecilongo, futhi bazi ukuthi lalisho ukuthini kubo. Manje, uma bezwa umpristi ekhalisa icilongo (umfundisi, iCilongo liyiVangeli), futhi lapho belizwa, futhi bayazi ukuthi kusho ukuthini, futhi bayazi ukuthi lelo yifa labo, akunandaba ukuthi balahlekelwe kuphi, babuyela emuva kude kangakanani, noma yini ababefanele bayenze, baba nelungelo lokuza futhi bamukele ifa labo, wonke umndeni wawungeza futhi umukele ifa lawo.

53 Kukanjalo nakulobubusuku ukuthi abesilisa nabesifazane, lapha abaseLouisiana, owazi izinto esizaziyo nesizizwile kumfowethu nakwabanye abehlukene, ngesehlakalo sethu sePentecostal eminyakeni edlule, futhi sithola ukuthi siye sabiya ngezingange, noma, uma singazibiyele ngezingange saqhela kukho kude kakhulu ukuthi sifanele sizwe ukuthi *omunye umuntu* uthini esikhundleni salokho u-ISHO KANJE INKOSI oyikho, futhi singezwa lokho iZwi likaNkulunkulu elizokusho ngakho, manje ihora lejubili, buyela eFeni lakho lasekuqaleni, kuMoya oNgcwele wangempela futhi.

54 Khumbula, wayengahamba akhululeke, akadingekanga akhokhe lutho, akadingekanga enze lutho, uvele asukume ahambe, yilokho kuphela okwakumele akwenze, abuyele emuva, uma wayekwazi ukukhala kwecilongo, kodwa wayefanele azi ukukhala kwecilongo, niyabo, ngokuba babengamadodana kaNkulunkulu.

55 Thina. . . UJesu washo kuJohane oNgcwele 8:35 ukuthi indodana ihlala phakade endlini. Manje, inceku ayihlali,

inceku ayihlali. Khumbulani, uyindodana, hhayi inceku; uma eyindodana, uzalwa eyindodana, uma eyinceku, uyajoyiniswa noma athengwe.

56 O, ayikho into okuthiwa ukujoyina iBandla. Alikho igama lakho eBhayibhelini. Awukwazi ukujoyina iBandla, iBandla linguMzimba ongaqondakali kaJesu Kristu, ukuthi ufanele uzalelwe kuWo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi ayikho into efana nokujoyina iBandla.

57 ESambulweni isahluko se 17, uma uzofunda kwi*Diaglott*, I-*Emphatic Diaglott* yombhalo wesandla wokuqala waseVatican, uzothola lapho eSambulweni 17, iHumusho iKing James, ithi, "futhi wayegcwele amagama enhlamba." Ibandla eliyisifebe, indodakazi, wayenamadodakazi, amadodakazi amaningi ayehlanganiswa naye, futhi wayeyisifebe, inkolo yokuqala ehleliwe eyake yaba khona, yahlelwa eNayisiya, eRoma, eNayisiya, emva koMkhandlu waseNayisiya, wase-ke eba yinhlangano, ibandla lamaKristu lomhlaba wonke lenhlangano, wayenamadodakazi.

58 Futhi niyabona lapho iKing James ikubeka ngokuthi, "wayenamagama enhlamba," kodwa kwi*Diaglott* yasekuqaleni, yathi, "wayegcwele amagama enhlamba." Yeka umehluko kusuka ekutheni "amagama enhlamba" kuya ekutheni "amagama enhlamba." Lokho kusho kimina, angazi, mina . . . uma nginephutha, uNkulunkulu angithethelele, kodwa kusho amabandla asethathe amagama obuKristu, aphila njengezwe, futhi aziphathise okwezwe, futhi enze izinto zezwe, futhi alethe ihlazo phezu kweBandla leqiniso likaNkulunkulu ophilayo, futhi bajoyina lawo.

59 Ungahle ujoyine idlangala leMethodisti, idlangala lePresbyterian, kumbe idlangala lePentecostal, kodwa ungeke ujoyine iBandla. Ufanele uzalwe eBandleni ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho kuyiqiniso.

60 Manje siyabona lapho esifika khona. Kulungile. Khumbulani, amadodana ayahlala, akhona ingunaphakade lapho, angeniswa lapho ngokumiselwa ngaphambili, kwabase-Efesu 1:5, "Bamiselwa ngaphambili ekuthathweni kwabantwana ngoJesu Kristu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe." Bangamadodana azalelwa eBandleni likaNkulunkulu, futhi bahlala njalo lapho ngoba bazalelwa kuLo. Kunjalo.

61 Inceku, manje, khumbulani, inceku ithola umvuzo wayo noma iholo layo, kodwa yayingasoze ikhululeke ngeJubili. Qhabo, mnumzane. Inceku yayingakhululekile ngeJubili engazalwanga ingumIsrayeli. Yayifanele izalwe ukuze ikhululeke ngeJubili, yayithola umholo wayo.

62 Futhi abantu abaningi bathola imivuzo yabo. UJesu washo ngabazenzisi, wathi, "Banemivuzo yabo, kodwa nina nehlukile."

Yebo, yilokho uJesu ayekusho kuJohane 8 ngamaJuda. Athi, "Sikhululekile."

Wathi, "Izinceku azihlali endlini."

63 Kodwa ngenkathi Ebazala, babengasezona izinceku, base bengamadodana nezindlalifa kanye naYe eMbusweni. Lingaleyondlela iBandla, liyizindlalifa kanye noKristu eMbusweni, izindlalifa zakho konke kuNkulunkulu, ngaYe.

64 Manje, sithola ukuthi ibandla lasuka lahamba ngendlela efanayo okhokho balo abangena ngayo, i—izinhlangano zokuqala zamabandla. Bekulokhu kungaleyondlela phansi eminyakeni yonke.

65 Kodwa abakaze, neze, izinceku ngeke zikhululeke, azizukulizwa iZwi, azizukulikholwa iZwi. Izinceku, zezwa ukukhala kwecilongo, lowo mpristi egibele edabula ezweni, ekhalisa lelicilongo lokuthi wonke umuntu wayekhululekile, walikhalisa yonke indawo, inkululeko emazweni onke, futhi wonke umuntu owazalwa engumJuda wayazi ukuthi angabuyela efeni lakhe, Angikhathali ukuthi wadayiswa isikhathi eside kangakanani, kwenzekeni, angabuyela emuva, ngoba wazalelwa endlini, wayesendlini kayise, ezelwe, kodwa inceku yayingakwazi eyayikwenza. O, he!

66 Bobabili babesebenzela inkosi efanayo, bathengiswa ngaphansi kwesono, abaningi abangamaPentecostal kulobubusuku uthengiswa ngendlela efanayo. O mfowethu, buya! Buyelani eFeni lenu lasekuqaleni, nonke, jikani nibuyele emuva, sekuyisikhathi sokubuyela emuva.

67 Umhedeni, manje, isigqila esiwumhedeni sasingenakukwenza lokho, sasingazi lutho ngakho, futhi ngemva kwakho konke, u*mhedeni* kusho "ongakholwayo," ongakholwayo eZwini. Abaningi babo bayothatha izimfundiso-ze nezinkambiso nezivumokholo zebandla esikhundleni sokulalela iZwi langempela, futhi lapho iZwi langempela seliZizwakalisa, abazi ukuthi ukhuluma ngani. Bafuna ukukubiza ngomgingqiki ongcwele, bafuna ukukubiza, njengoba benza kokhokho eminyakeni engamashumi amahlanu edlule eLouisiana, "uyahlanya." Njengoba kwakunjalo emuva ezinsukwini zikaPawulu, "Ngendlela yokuhlubuka, yileyo ndlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawokhokho bethu." Niyabo, umhedeni akazi lutho ngakho, nakuba ezisho ukuthi uyinto ethize, kodwa nokho, ungu*mhedeni* u "ngongakholwayo," ongakholwa eZwini likaNkulunkulu, lokho kumenza umhedeni.

68 Kwakungokwabakhethiweyo kuphela, abakhethiweyo bakaNkulunkulu, kunjalo namuhla, "Akuyi ngogijimayo, noma othandayo, nguNkulunkulu ohawukelayo." NguNkulunkulu okwenzayo, uNkulunkulu, ngomusa waKhe. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi bonke uBaba aNgiphe bona bayokuza kiMi." Kungumusa

kaNkulunkulu ukuthi Wakhetha iBandla ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

69 LeloBandla liyozwa iZwi likaNkulunkulu, bayokwenqaba zonke izivumokholo, bayokwenqaba yonke inhlangano, lonke ihlelo eliphambene, futhi bayokhonza uNkulunkulu ngamandla kaMoya oNgcwele. Amen. Impela bayakwazi ukukhala kweCilongo. "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi."

"Ukhuluma ngani na?"

"IZwi!"

"Wena uthi Lelo yiPhimbo likaNkulunkulu na?"

70 "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu. Izimvu zaMi ziyalizwa Lelo, ziyaLazi, umfokazi aziyikumlandela." Abazizwa lezi zivumokholo, abazizwa lezizimfundiso-ze nalezizinto ezijovelwe ukwenza inhlangano esikhundleni somzimba. "UNgilungisele umzimba," kwasho uNkulunkulu, iZenzo, noma amaHeberu, "UNgilungisele umzimba. Umhlatshelo neminikelo Awuwuthandanga, kepha WaNgilungisela umzimba," umzimba wamakholwa, umzimba ozelwe.

71 Ngaphambi kokuba kube umzimba wezidalwa ezingabantu, ngaphambi kokuba ngiziphathe njengomuntu, ngaphambi kokuba ngihambe njengomuntu, ngaphambi kokuba ngikhulume njengomuntu, kufanele ngizalwe ngingumuntu. Ifindo esihlahleni laliyokwazi kanjani ukuthi ngiziphathe kanjani na? Wayengake akusho kanjani, "Angiziphathi kanjalo." Okuwukuphela kwendlela angaba ngayo bekuyoba ukuzalwa njengami. Ingaleyondlela inhlangano, badonsele abantu kude, ngoba yalandela isivumokholo.

72 Kodwa ukuze ube yindodana kaNkulunkulu ufanele uzalwe ngoMoya kaNkulunkulu, khona-ke uba njengoKristu futhi wenze imisebenzi kaKristu, khona-ke awuhlekisi kulabobantu. Umuntu eziphathisa okomuntu akuhlekisi; nomKristu eziphatha njengomKristu, ozelwe ngoMoya ofanayo, nibona iqembu lePentecostal ekuqaleni, leloqembu elifanayo lePentecostal lenza ngendlela efanayo uma lizelwe ngoMoya ofanayo, ngoba lizelwe. Yingakho, namuhla, ukuthi abantu abaliqondi iBandla. Futhi iBandla seliqalile ukubanda futhi lagcina umthetho ngamehlo, ukulandela izivumokholo nezinto futhi ushiya ukulandela kukaMoya oNgcwele. Kulungile.

73 Abanye abakwazi ukukhala kwecilongo. Isigqila siyisibopho, iBhayibheli lasho lapha, izizukulwane ngezizukulwane. Yilowo nalowo ongena kulowo muzi futhi wathenga impahla, wayebophekile, wayengenakuyihlenga impahla yakhe ngeJubili, ayiphumanga ikhululekile, futhi wayengenakuyihlenga, yahlala, kulowo owakuthenga kuyizizukulwane ngezizukulwane. Yilokho umBhalo okushoyo

lapha, umelwe ukuhlala emzini nempahla yakhe, ngoba yilapho ifa lakhe lalikhona, lalisemzini. Wayengakhululekile ukuthi abuyele emuva, ngoba wayesedayisile, manje, siyasho, ezizukulwaneni ngezizukulwane.

74 Ngabuza indoda kungekudala . . . Ngesinye isikhathi, uDokotela Bosworth, ngicabanga ukuthi niyamkhumbula uMfowethu Bosworth, wathi, "Ngabuza intombazane ngobunye ubusuku eToronto, eCanada, 'Ingabe ungumKristu na?'"

Yathi, "Ngizokwenza ukuba uqonde, ngishisa ikhandlela njalo ebusuku." Njengokuthi . . . Niyabo, yilokho kuphela ekwaziyo ngobuKristu.

Ngabuza owesifazane ngesinye isikhathi, ngabe wayengumKristu yini.

Wathi, "NgingumMelika, ngizokunikeza ukuthi uqonde."

Ngathi, "Lokho akuhlangene ngalutho nakho."

75 Ngangizokhulekela owesifazane ngesinye isikhathi, nenenekazi lathi, "Donsa ikhethini lapho."

Ngathi, "Awu, bengizonikela umkhuleko nje."

Lathi, "Donsa lelo khethini."

Ngathi, "Kulungile. Awuyena umKristu na?"

Lathi, "SingamaMethodisti."

Ngathi, "Lokho kufakazela kahle ukuthi awusiye." Niyabo, niyabo, niyabo?

76 Niyabo, uma uthi, "Methodisti," lelo yigama nje lenhlamba; wena uthi, "IBaptisti," lelo yigama nje lenhlamba. Singathi, "Amen" kulokho, kodwa mfowethu, ake ngikubuze okuthize: "Kuthiwani ngePhentekoste na?" Uma kungesona isehlakalo sokuzalwa ngokusha, kuseyigama lenhlamba elenziwe iphethini emva kokwasekuqaleni . . . ? . . . kunjalo. Kulungile. Niyabo, abazani, abayazi inhlanganyelo, abakwaziyo kuphela isivumokholo sakho, bavele bazinza njengohlobo oluthile lwedlangala, njengamadlangala. Ngi . . . Amadlangala lilungile uma ufuna ukuba ngowawo, kodwa ungawahlanganisi neBandla. IBandla liyisigejane esizelwe ngokusha samakholwa akuKristu ngoMoya oNgcwele, eholwa nguMoya kaNkulunkulu. Awasiwo awezwe, aphumile ezweni, ahlukile ezweni, yilokho okuwenza abe yilokho ayikho. Impilo yawo ifile futhi afihlwe kuKristu futhi afile kuKristu futhi afihlwe ngo, anamekwe uphawu ngoMoya oNgcwele, akude nezinto zezwe.

77 Isigqila, izizukulwane ngezizukulwane: Omunye wesifazane wathi, "Awu, ngingumLuthela." Kulungile. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Uxolo.) "UmLuthela, umama wami wayengumLuthela, umkhulu wami wayengumLuthela." Kulungile, isigqila sisuka kwesinye siye kwesinye, sidluliselwe phansi ngqo, kuyohlala kungaleyondlela

nje. Awusoze wahamba ukhululeke ngejubili. Ubungashumayela iZwi, ubungabona uMoya oNgcwele uphulukisa abagulayo, uvula amehlo ezimpumputhe, ukukhuluma ngezilimi, uhumushe ncamashi okushiwo iBhayibheli, kodwa awukwazi ukukhala kweCilongo. Kunjalo! Lelo yiqiniso. Abakwazi ukukhala kweCilongo, badayisile, babeka iFa labo emuva ngaleya emzini othize obiyelwe ngezingange.

78 Ibandla lethu lePentecostal lenze into efanayo, ncamashi, layibuyisela ngqo emzini oboshwe ngezintambo, abalizwa iZwi likaNkulunkulu. Bathi, "Uma bengezi nga*le*ndlela, akufiki esigejaneni sethu, awu-ke akuyona into elungile, kodwa igama lakho alikho ezincwadini zethu, ungeke ungene oHlwithweni."

79 Igama lakho liseNcwadini yokuPhila yeWundlu, futhi lafakwa lapho ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi akukho lutho okungalihlikihla kulisuse. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, umfokazi aziyikumlandela." Yebo, mnumzane.

80 Uma inceku ecebile. . .Indoda iyangena, iba yinceku futhi yaceba, futhi yathenga umfowabo, manje, lowo mfowabo wayengahlengwa yisihlobo somndeni, isihlobo somndeni sasingeza, simthathe ngonyaka weJubili, futhi sasingamhlenga.

81 UKristu omuhle kangakanani lapha esinaye, i—isithombe esihle, njalo, sikaKristu! Kanjani ukuthi u—umhambi laphaya ebugqileni, edayiswe emadolobheni acebile phandle lapho, uthengiselwe engcebweni yenhlangano, kodwa umfowabo oyisihlobo somndeni owaziyo ukuthi uphandle lapho, ngobunye ubusuku wafaka iBhayibheli lakhe ekhwapheni lakhe, amlandele, isihlobo somndeni, ngoba unomoya ofanayo, uzalwa emndenini ofanayo, hamba umbize aphume kuleloqembu! Ungumhlengi oyisihlobo somndeni. Ukuthi isithombe savezwa samangalia kanjani eNcwadini kaRuthe: UBowazi, ukuthi ngenkathi ethatha indawo yomhlengi oyisihlobo somndeni, emele uKristu!

82 IBandla manje selifana no-Israyeli. IBandla lifana no-Israyeli ngenkathi ekhuphuka ephuma eGibhithe. Ngenkathi u-Israyeli esezansi lapho eGibhithe, uNkulunkulu ngomusa waKhe omangalisayo, ngaphandle kwanoma iyiphi inhlangano nanoma yini enye, Wabiza u-Israyeli ukuba aphile, Wababizela efeni labo. Yena. . .Umusa wabahlinzeka ngomprofethi, umusa ubaphe iNsika yoMlilo, umusa ubaphe iwundlu, iwundlu lomhlatshelo, umusa ubaphe amandla, umusa ubaphe ukukhululwa, umusa ubaphe ukunqoba, umusa ubaphe zonke lezizinto, futhi basina kuMoya, futhi bamemeza, futhi badumisa uNkulunkulu ngakho.

83 Futhi babengazi nakancane ngenkathi besina osebeni lweJordani lapho, noma, uLwandle oluFile, ukuthi base bekude nezwe iminyaka engamashumi amane; babeqhele ngezinsuku ezinhlanu kuphela, kodwa benza iphutha labo eliwubudedengu

ku-Eksodusi isahluko se 19 lapho bemukela khona umthetho esikhundleni somusa, lapho benqaba indlela kaNkulunkulu ukuze babe nendlela engeyabo, "Siphe okuthile esingakwenza." Lowo bekuwumqondo womuntu ngaso sonke isikhathi.

84 Manje, khumbulani, kube umqondo womuntu, kunjalo... leyo yimvelo yomuntu. U-Adamu waveza lokho ensimini yase-Edene, ngenkathi elahlekile, esikhundleni sokubuyela kuNkulunkulu ukuze athole umusa, wazama ukuzenzela isibhinco. Futhi kusukela lapho wazama ukuba nento yokuzihlanganisa nokuhlengwa, lapho ukuhlengwa kuwumnikelo wesihle womusa ngoNkulunkulu, uNkulunkulu yedwa. Akukho ongakwenza ukuze uzisindise, uNkulunkulu ukusindisile. Ayikho nhlobo indlela ongayenza, kodwa umuntu ufuna okuthile angazihlanganisa kukho; bayakwemukela namuhla.

85 Futhi njengoba eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, ngenkathi onyoko noyihlo, nina bantu bePentecostal kulobubusuku, ngenkathi labo abadala, nalona ohlezi epulpiti lapha kulobubusuku, wamemeza futhi wadumisa uNkulunkulu, baphuma kulezo zinhlangano. Ngani, ukhuluma inhlangano kubo, bazokuhleka ebusweni bakho, babekhululekile. Yebo, mnumzane. Bamemeza futhi badumisa uNkulunkulu, bakhuluma ngezilimi, babenezibonakaliso nezimanga nezimangaliso, uMoya oNgcwele wehla, babone isimo sangempela sikaKristu, benze izibonakaliso ezinkulu nezimanga, bahlupheka, bopha, bangena ngaphansi kokuhlushwa, okumunyu, nakho konke ngalesosizathu.

86 Futhi manje benzeni na? Into efanayo u-Israyeli ayenza, benza iphutha labo eliwubudedengu nabo, babefuna ukuhlela. Futhi kwenzani ku-Israyeli na? Kwenzani ku-Israyeli na? Ku...Ba—babengeke bemukele ukuhola kukaMoya oNgcwele, babengakwamukeli ukuhola kukaMose, bazama ngisho ukuvusa uKora noDathani nokunye nokunye uku—ukubahola. Babengafuni ubuholi uNkulunkulu ayebahlinzekele khona.

87 Futhi namhlanje asibufuni ubuholi, noma ibandla alibufuni, uNkulunkulu abuhlinzekile, bazama ukucabanga ngenye indlela. Baya emakolishi ezinkolo, bafundise amadoda abo, babuye nesipiliyoni sesayense yezenkolo.

88 O, ngingamane ngibe nendoda engishumayezayo engabazi o-ABC bayo, engakaze ibe se—sekolishi lesayene yezenkolo, futhi ibe nesipiliyoni ngaleya egqumeni lezithonjana zokunonga ndawondawo emva kwesiqu futhi uNkulunkulu amgcwalise ngoMoya oNgcwele. Impela. Makaholwe nguMoya, uNkulunkulu uzokwenza konke kuhambe ngqo kuqonde ngakuye, unjengozibuthe, awukwazi ukumfihla, njengendlu eshayo emoyeni omkhulu, awukwazi ukumcisha, uzovutha

aqhubeke ngqo. Uvutha ngenxa kaKristu, ungeke wenze lutho ngakho. Yebo.

89 Benzani nokho na? Benza into efanayo naleyo u-Israyeli ayenza. O, baba nokunqoba, bamemeza, basina, bakhuluma ngezilimi ngePhentekoste, ezansi lapha eLouisiana eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, kodwa njengoba u-Israyeli wayefuna okuthile okuzozihlanganisa nabo, kanjalo nebandla lePentecostal; bonke bahlela i-Assemblies of God, kwase kuthi emva kwalokho kufika enye, ngikholwa ukuthi ibizwa nge-United, noma, *okuthize*, khona-ke nakho kulandela enye, kwase kuba enye, kwase kuba enye, kwase kuba enye, kuze kuba buka lapho okukhona namuhla.

90 Uyazi ukuthi wenzeni na? Into efanayo u-Israyeli ayenza. Lapho benqaba icebo likaNkulunkulu elihlinzekelwe bona, baqala ukuzulazula. Yilokho ibandla elikwenzile namuhla, lizulazula futhi lingenisa yonke into ehlelweni labo: ababhemi bakagwayi, nabantu abangengcwele abashada kane noma kahlanu, nakho konke okunye, futhi babayeke bashumayele, futhi uthathe umculi ongumuntu wasemaphandleni phandle ngaleya ngaphandle kwe—indlu yamagundane phandle lapho ubusuku obubodwa futhi bamvumele adlale emsamo ngobusuku obulandelayo. Ngani, kuyihlazo eBandleni likaNkulunkulu ophilayo ukucabanga ngento enjalo! Impela.

91 Benzani na? Kulethe amagama enhlamba, kwaphonsa iPhentekoste, lona kanye igama elifanele libe ngcwele, liphonswe endawaneni ngoba bathi, "Owesilisa uyiPentecostal, owesifazane uyiPentecostal, bangamaPentecostal, bukani, indlela abenza futhi baziphathe ngayo." Kulungile. Amagama enhlamba! Impela, lelo yiqiniso.

92 Yebo, mnumzane, benza iphutha eliwudedengu ngenkathi benza lokho, futhi bazulazula iminyaka engamashumi amane, yilokho kanye abakwenzile; bazulazula iminyaka engamashumi amane ngenkathi babengakadluli izinsuku ezinhlanu ezweni lesethembiso. Kungaba amamayela angamashumi amane ukusuka oLwandle eluBomvu ukuya lapho abawela khona iJordani, cishe amamayela angamashumi amane; babengahamba ezinsukwini ezintathu noma ezine futhi bangene ezweni lesethembiso, kodwa bazenzela ukukhetha okungokwabo.

93 Futhi ibandla belizoba yiBandla kulobubusuku, elikhazimulayo, lingenabala noma umbimbi, uma obaba babengakwemukela futhi bahlale noMoya oNgcwele uNkulunkulu ayebakhiphe kulezo zinhlangano, kodwa babuyela kuyo ngqo njengenja ebuhlanzweni bayo nengulube ekuzibhixeni kwayo, babuyela kulokho ngqo futhi, futhi manje sesizulazule eminye iminyaka engamashumi amahlanu, sizulazula ehlane.

94 Kodwa kufika isikhathi lapho uNkulunkulu athi, "Usuhlale kulentaba isikhathi eside ngokwanele. Wozani, siyawela." Kwangathi kungaba isehlakalo sabaseLouisiana manje kuleli jubili. Kwangathi kungaba isehlakalo futhi ukuthi uNkulunkulu, uMoya oNgcwele, uzokhuluma kubantu balesi sizukulwane, amadodana abo, njengoba benza emuva lapho ngenkathi izilwi ezindala zase ziphele nya, ezalwa, futhi zathi, "Ingabe wena . . . Hamba uyokwenza *lokhu*, ngizokwenza *lokhu*. Futhi uma ubhaphathiza eGameni likaJesu, ngeke sizihlanganise ngalutho nawe. Futhi yenza *lokhu*, sizoba na*lokho*, nenye *into*." Izilwi ezindala zifile. Kunjalo.

95 Isikhathi sokuvuka, sibe ngamadodana kaNkulunkulu eGameni likaJesu Kristu, futhi sivuke siye endaweni ukuze nibuye ngaleli jubili futhi nizwe ukukhala kweCilongo leVangeli leZwi likaNkulunkulu. Nina ningabazalwane, anihleliwe; ningabazalwane ngoba anikwazi ukuhlelwa, nizelwe ningamadodana kaNkulunkulu. Uma izigqila zifuna ukuhlala emzini obiyelwe ngezingange, mazihlale, kepha nina nikhululekile. Amen. Nikhululekile. Masibuyele emuva, masibuyele eFeni lethu, masibuyele ekuqaleni, sibuyele e "ba—baholwa ngokuphefumulelwa kukaMoya oNgcwele."

96 Yileyondlela abenza ngayo iphutha. Ngesinye isikhathi u-Israyeli waphinda wenza lokho. Kuyinto nje abantu abayenzayo. Ngesinye isikhathi u-Israyeli waqalaza ngemva kokuba sebehlukaniselwe ifa labo, babefuna ukufana nezwe lonke, bafisa inkosi.

97 Umprofethi omdala . . . Abaprofethi bebehlale beyindlela kaNkulunkulu yokutshela abantu, "IZwi leNkosi leza kubaprofethi." Ngumprofethi owabatshela iqiniso.

98 NoSamuweli wasukuma, wayesethi, "Ngake ngayithatha imali yakho, noma kukhona engake nganitshela khona eGameni leNkosi ngaphandle kokuthi kufezeke na?"

99 Bathi, "Lokho kuyiqiniso, awukaze uthathe imali yethu, awukaze uthathe okokuziphilisa kwethu, awukaze usinxibe izinto, futhi awukaze usitshele lutho eGameni leNkosi kodwa lokho okwakuyiqiniso."

Wathi, "Khona-ke ziqhelelaniseni nalezozinto laphaya. Nithole inkosi phezu kwenu na? UNkulunkulu uyiNkosi yenu."

100 Futhi kwamdumaza uNkulunkulu. USamuweli wakhala phambi kweNkosi, neNkosi yathi, "Abakulahlanga wena, Samuweli, balahle Mina, uyithuluzi eNgisebenza ngalo, bavumele babe nayo."

101 Futhi yilokho impela abakuthola, futhi sithola usizi olwakulandela, uNkulunkulu uyiNkosi yabo. UNkulunkulu uyiNkosi yethu, uMoya oNgcwele unguMholi wethu, uNkulunkulu usiphe uMoya oNgcwele, masihlale ngakuWo: iBhayibheli lesiqondiso ukubona ukuthi ngabe nguMoya

oNgcwele yini. UMoya oNgcwele ungeke ungethembise okuthize *lapha*, ukuphike *ngapha*, Ufanele ugcine ncamashi Owakusho ukuba uhlale unguNkulunkulu. Kulungile. Uzofanele uhlale unguMoya oNgcwele, ufanele ufane. Yebo. Babefuna ukungamkholwa uSamuweli ngenkathi uSamuweli wayeneZwi leNkosi futhi wabatshela.

102 U-Israyeli wamemeza futhi wasina, impela babenesikhathi esimnandi, kodwa bathola ukuthi, bazulazula iminyaka engamashumi amane. Manje, ekuzuleni kwethu . . . Nake nacabanga ukuthi benzani phandle lapho ehlane na? Nake nacabanga ngalokho u-Israyeli akwenzile na? UNkulunkulu wababusisa. Impela bakwenzile. Babenezivande zabo, izitshalo zabo, baganwa abafazi babo, bakhulisa abantwana babo, uNkulunkulu wababusisa. Futhi Ubusise umnyakazo wePentecostal. Yena . . . Impela. Kodwa khumbulani, lokho kwakungesikho lokho uNkulunkulu abathumela kukho, ukuba bahlale kulelohlane, babezodlula nje ehlane, babesendleleni yabo eya ezweni labo lesethembiso.

103 IBandla lalizoqhubekela esithembisweni esigcwele, iBandla kulobubusuku lifanele libe sebukhazikhazini balo benkazimulo, Lifanele lilindele ukuFika kweNkosi, esikhundleni salokho, Lihlakazekele yonke indawo, liyazibuza ukuthi yikuphi *oku*lungile, "Ingabe *lokhu* kulungile na? Ngabe *lokho* kulungile na? Ngizojoyina *lokhu*, futhi ngiye *ngapha*, futhi ngehle ku*lokho*." O buya, suka kulezozinto.

104 Manje, yini okusenzele yona na? Kubenzele lokho, kwabenza balokhu behleli ehlane. Kusibuyisele ngqo ebuhlanzweni obufanayo esiphuma kubo, sazihlela, futhi sazibuyisela ngqo obishini olufanayo esiphuma kulo. Awuqondi ukuthi uNkulunkulu akakaze abe nenhlangano, akakaze agcobe noyedwa, futhi akakaze akhulume ngoyedwa, kodwa njalo ngokumelene nakho na? UNkulunkulu ufuna ukuhola abantu, abantu abakwazi nje ukuzihola. Bathi, "Sisebuningini bokululekwa."

105 Lokho kwafakazela inkohliso enkulu ngesinye isikhathi ngenkathi uJehoshafati ehla ukuyohlangana no-Ahabi, futhi bathi, "Sine . . . Sizobuza nje eNkosini." Kuzwakala kungokomBhalo kakhulu, kwathi, "Nanso iRamoti-Gileyadi, ingeyethu, uNkulunkulu usinike yona. Abantwana bamaHeberu bebefanele ngabe badla lowokolo phezulu lapho, kodwa esikhundleni salokho isitha siyawudla. Awucabangi ukuthi sifanele sikhuphuke na?"

106 NoJehoshafati wathi . . . Umuntu olungile ehambisana nabangalungile, yileyondlela amaqembu ePentecostal ayiyo kulobubusuku, abantu abakahle, amaMethodisti, amaBaptisti, nokunye nokunye, IPhentekoste aliyona inhlangano, iPhentekoste liyisehlakalo. Niyabo? Abantu abaningi abalungile

bangena eqenjini elingalungile, belalela lezo zimfundiso-ze futhi benqaba iZwi. Kunjalo impela.

Qaphelani, uJehoshafati wathi, "Akufanele yini sibuze iNkosi na?"

107 Wathi, "Impela, ngiyaxolisa, o, kusobala, bengifanele ngazi ngalokho. Nginabaprofethi abakahle bamaHeberu abangamakhulu amane ezansi lapha, ngizokwehla ngibalande."

108 Ngakho, wehla, bonke baprofetha, uZedekiya wazitholela izimpondo ezimbili, wathi, "Qhubeka ukhuphuke." Impela, kuzwakala kunengqondo. Bathi, "UNkulunkulu wasinika izwe, elethu lelo." Kodwa kukhona okuthize okuhambisana nakho, ufanele ulalele uNkulunkulu ukuze uhlale kulelozwe.

109 Kungaleyondlela kulobubusuku, Pentecost, awulalelanga uNkulunkulu ngenkathi uhlela futhi uzehlukanisa, ubonakala ungenakho ukukholwa. Ungahle ube yiPentecostal, kodwa awusilo. . . ngegama, kodwa ufanele ube yiPhentekoste ngaphansi kwemibandela: ukuthi ukuPhila kukaKristu, iZwi likaNkulunkulu, lingageleza kuwe futhi liZibonakalise, futhi Lifakazise ukuthi, linguNkulunkulu, noNkulunkulu esebenza ngawe, ukuPhila kukaKristu kuwe.

110 Manje, siyakwazi lokho. . . Bonani ukuthi lokhu. . . Wathi, "Awu, i. . . " Bonke bathi, "Khuphuka, iNkosi inawe. Khuphuka nibadudule nibasuse ezweni, lingelethu."

Futhi niyazi, lokho akuzange kuzwakale kahle nje kuJehoshafati, wayeyindoda yomoya. Wathi, "Akekho omunye futhi esingambuza na?"

111 "Kungani ubuzana noyedwa ekubeni nansi inhlangano yonke, manje, nabo bonke ababhishobhi namagosa nabo bonke na? Bonke bamile phandle lapha. Kungani uthole omunye na?"

Wathi, "Kodwa ngokuqinisekile, kukhona omunye futhi."

112 Wathi, "Ya, nginaye ebengingambuza, kodwa ngiyamzonda." Ngani, impela! Impela, wayemzonda, wayengumprofethi wangempela. Wathi, "Ungu-Imla, indodana kaMikaya. Inhlangano yamkhipha kudala, ayinanhlanganyelo naye."

Wathi, "Ake simuzwe."

"O," wathi, "Ngiyamzonda."

Wathi, "Inkosi mayingasho kanjalo, kodwa ake sizwe ukuthi uzothini."

Kwase kuthi-ke abanye bamagosa bagijima baya ngale, bamtshela, bathi, "Bonke ababhishobhi nawo wonke umuntu usho *lokhu* na*lokhu*, ufanele usho into efanayo."

Wathi, "Ngizosho nje lokho uNkulunkulu akubeka emlonyeni wami." Amen.

113 O, besifanele sibe noMfowethu Zepp lapha manje ukuba asiculele ikhorasi lika- *Amen*. Yebo, mnumzane. Yisho lokho

uNkulunkulu akufaka emlonyeni wakho, Akasoze asho lutho ngaphandle kweZwi laKhe. Umprofethi ungumbikezeli ngaphambili, ngokufanayo nombikezeli. Iqiniso.

114 Ngakho wathi, "Ngizosho lokho uNkulunkulu akushoyo." Wase-ke ehlola umbono wakhe, wathi, "Ake ngibe nakho kulobubusuku, ngibone ukuthi iNkosi ithini." Ngokusa okulandelayo, waphuma futhi wayeno-ISHO KANJE INKOSI.

115 Ngani na? Wakuhlola, wayazi ukuthi lowomprofethi wangempela phambi kwakhe, lowo iZwi leNkosi eleza kuye, wayefanele abe neqiniso. Waqalekisa u-Ahabi, wamtshela ukuthi izinja zaziyokhotha igazi lakhe, noJezebeli wayeyosakazeka emasimini, kanjalo kanjalo. Wayazi ukuthi akukho okuhle okwakungaphuma kuleyonto, wayengumzenzisi.

116 Ngizonitshela, ukuthi uNkulunkulu akasoze abusisa ibandla inqobo nje uma lizihlela lona futhi lizibeka ohlangothini olulodwa, uNkulunkulu alufakazisile phansi onyakeni Aliqalekisileyo. Ngikhombise iqembu elilodwa labantu lapho uNkulunkulu avusa khona imvuselelo phansi ngamaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, abakaCampbell, noma kungaba yini. Ngenkathi Evusa iqembu labantu futhi waqala imvuselelo, ngenkathi behlela bafa futhi abaphindanga babuya. UNkulunkulu angakubusisa kanjani lokho Akuqalekisile na? O, buya, Louisiana! UNyaka weJubili usufikile, buyela kwabakho, buyela eFeni lakho. Impela.

117 Qaphelani, wayese-ke ekhuphukela lapho egqumeni futhi walahlekelwa ukuphila kwakhe, ncamashi nje ngoba, qaphelani, ukuthi uMikaya washo isiprofetho sakhe futhi wazi ukuthi umbono wakhe waqhathaniswa ncamashi neZwi leNkosi. Impela.

118 Kwenzeni kithi na? Kwenze into efanayo. Sathatha izeluleko eziningi ukuze siphephe, lokho kuya kwenye indawo yemiBhalo, ngingasho, "UJuda wahamba wayozilengisa nawe hamba wenze okufanayo." Kodwa aku—kusebenzisi kahle emBhalweni; ufanele uLenze lisho khona impela eLikushoyo, aLisilo elokuzihumushela lona ngasese, Lifunde ngendlela eLifundeka ngayo. Yileyondlela okufanele kube ngayo, futhi-ke uyohlala njalo ubuyela kuLo futhi uNkulunkulu ufanele aLihloniphe, Uqapha iZwi laKhe ukuze agcwalise izithembiso zaKhe.

119 Kwenzeni kithi na? Kwenze buthaka ukukholwa kwethu, into yokuqala. Nginohlu lwezinto ezibhalwe phansi lapha, amakhasi ayishumi, okwenziwe kithi, ngizokweqa ingxenye yakho. Into yokuqala, kwenza buthaka ukukholwa kwethu ngoba kwasehlukanisa, futhi sibone omunye umfowethu ngale kwenye inhlangano ekhuluma ngezilimi, futhi emukele uMoya oNgcwele, futhi enza izinto ezifanayo esazenzayo, nokho safundiswa ukuthi ungumzenzisi omdala ngoba wayengakholelwa eqenjini lethu. "Asihlukene, sonke simzimba

munye; munye ethembeni nasemfundisweni," iBhayibheli, "munye othandweni." Kwenza buthaka ukukholwa kwethu, kwasikhubaza. Yebo, mnumzane.

120 Kwenzeni na? Kwenza izinkukhu ngezinkozi, izinyoni eziboshelwe emhlabeni ngezaseZulwini. Awu, i—inkukhu inyoni kunjalo, kodwa iboshelwe emhlabeni, igcina isidleke sayo phansi lapha lapho wonke uchakide ofikayo, uza ngapha, ubulale amaqanda ayo futhi uthathe abancinyane bayo nezinto, kodwa hhayi ukhozi, usakha phezulu kakhulu ngaleya kuze kube akukho lutho olungaluthinta.

121 UNkulunkulu ufanisa ifa laKhe nezinkozi, niyazi. Kunjalo. Futhi sinesigejane sezinkukhu zePentecostal futhi hhayi izinkozi. Yini eyakwenza na? Sibanika ukudla kwezinkukhu, yilokho okwakwenza, uhlobo oluthile lwesivumokholo noma ihlelo, hhayi iZwi likaNkulunkulu ophilayo. Sakuthwishila, futhi sakuphendula, futhi senza lokho esasifuna ukukwenza ngakho ukwenza inhlangano, lenezela izimfundiso-ze ncamashi njengoba ibandla lamaRoma lenza, into efanayo. Akumangalisi lalingunina wezifebe.

122 Yebo, mnumzane, babapha ukudla kwezinkukhu, isivumokholo sehlelo, futhi baphile ngalokho, yilokho kuphela abakwaziyo. Baboshelwe emhlabeni, abazi ukuthi bangaziphakamisa kanjani izinyawo zabo, futhi bavuke eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi babize ukunqoba, abazi ukuthi zimenyezwa kanjani izindumiso zikaNkulunkulu, abazi ukuthi bakwemukela kanjani ukuphulukiswa kukaNkulunkulu. Ukhuluma nabo, bakhala njengomnyuzi, abazi lutho ngakho. Anginjalo . . . Uma ngi . . . Ungixolele nje uma ngisho okuthile okungalungile. Bengingaqondile ukusho lutho olungalungile, ngiqonde ukwenza iphuzu ukuthi abantu, ungakhuluma ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, bafulathele, o, ngisho namaqembu ethu ePentecostal ayakuphika.

123 Benazi yini ukuthi iBandla eliRoma Katolika kuqala laliyibandla lePhentekoste na? Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili lizilethele lokho, makuthi le nhlangano yePentecostal iqhube ngendlela ebikade ingayo, eminyakeni eyikhulu kusukela manje izoba yimbi kakhulu kunebandla lamaRoma, yilokho okwenziwa ukwengeza izivumokholo nezimfundiso-ze, wenza izinkukhu esikhundleni sezinkozi.

124 UNkulunkulu—uNkulunkulu unguJehova-Khozi, zonke lezi ezincane ziyizinkozi. Mfowethu, bayakwazi ukugibela phezulu lapho koluhlaza okwesibhakabhaka ngaphezu kwalo lonke loluhlobo lwehlaya ezansi lapha eliqhubekayo, abafuni neyodwa yemibuthano yenu yasesibuyeni, bandiza phezulu ezindaweni zasemazulwini lapho kukhona khona izinkanyezi, niphefumula umoya ohlanzekile wokuhlanzeka. Yebo, mnumzane. O, yebo.

125 Benze imibuthano yethu ibe eyesimanje, yilokho abakwenzile, futhi enye into abayenzile, balethe ukuziphatha okubi kwabesifazane bethu. Ncamashi. Abesilisa ethu, abafowethu, bababfaka emahlelweni futhi bathi, "Uma ungakwenzi... Uma sikukhipha... susa ikhadi lakho kuwe, ikhadi lakho enhlanganyelo, ngani, awusoze wakwazi ukushumayela komunye umuntu ngoba sizokudixa... sizokuhlukumeza," futhi bayesaba, lokho kumenza inkukhu.

126 Mfowethu, zithintithe, buya. Leli yijubili, ulukhozi; makungabi namuntu okutshela ukuthi unguklebe, noma, inkukhu, uxolo, ukuthi wena, awu unguklebe nawe, nenqe, yebo, mnumzane, ulukhozi wena. Yebo, mnumzane. Awunandaba ngezivumokholo ezifile ezindala namahlelo. Masibuye, siyizinkozi, sindiza kwezasemazulwini. Amen.

127 Ukhozi lungahamba lapho ingekho enye inyoni engacabanga ukuya khona, uma izama ukululandela, ingabuthuka, iyinyoni eyakheke ngokukhethekile, yebo impela. Ngiyanitshela, indoda ezelwe ngoMoya kaNkulunkulu yindoda noma owesifazane owakheke ngokukhethekile. Haleluya! Bazalwa benoMoya kubo okwaziyo ukuziphatha nokwenza nokuba yindodana kaNkulunkulu. Amen. Iqiniso. Uyazi ukuthi kuyiqiniso lokho.

128 Yebo, mnumzane, asifanele sibe nakho... Abesifazane bethu, kwakuvame ukuba yihlazo kwabesifazane bethu ukugunda izinwele zabo, bayakwenza; kwakuvame ukuba yiphutha ngabesifazane ukuba bazipende, bayakwenza, amaPentecostal. Ngahamba, lapha esikhathini esingeside esedlule, kwelinye lamabandla ethu adumile ePentecostal, babazi ukuthi kwakuzokwenzekani, ngakho ngivele ngiyahamba ngishumayele iZwi. Futhi bengilokhu ngilishumayela, bonke basukuma baphuma, cishe impela, babengenakho neze okwanele ukuba noSonto sikole, nakho kuaphuma abesifazane abaphungule izinwele, oRicky no-Elvis, futhi bonke besuka nga*le*ndlela nanga*le*ndlela, nga*leyo*ndlela, futhi bengothisha bakaSonto sikole. Ngathi, "Leso sigejane sezinkukhu, azikwazi ukumelana nokudla okusha." Kunjalo. Sidinga uMoya oNgcwele. Izinkozi zidla ukudla kokhozi, izinkozi aziphili ngezivumokholo, ziphila ngoMoya oNgcwele, ziphila ngoKristu, izinkozi zikaNkulunkulu zangempela, zi, fanele zizalwe ngokukhethekile.

129 Inkukhu ithi, "Nami ngiyinyoni." Ngiyazi ukuthi uyinyoni, kunjalo, kodwa hhayi ukhozi. AbaLizwa, abakwazi ukuLimela, abakwazi ukuthola, bagcwalise, abakwazi nje ukuLithatha. Ngani na? Abakwazi ukuLithatha, abazi lutho ngaLo. Bazothisa imibuthano yethu, bayikhubaza, imibuthano yethu ikhubaziwe yisimanjemanje; sinamabandla amakhulukazi amahle, izinhlangano ezinkulukazi ezinhle, odokotela bobuNkulunkulu abakhulukazi abahle.

130 Ngake ngaba nenhlonipho ngowesifazane omncane ngesinye isikhathi, kwakunguNkk. McPherson, umkaRolf McPherson, umKristu omncane othandekayo. Futhi ngangihlezi, ngixoxa, esidlweni sasekuseni nomunye wosomabhizinisi ongumKristu futhi sasihlezi lapho sixoxa, sine, o, kwakuyidina, kwakuyilo. Futhi ngakho, uMfowethu Teeford wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, ngiyamangala ukuthi kungani ungaphumanga ukuzosibona." Kudala. NoDadewethu McPherson, uphuma ekhaya lePentecostal eliyimfashini endala, uyise nonina, omunye wabasekuqaleni abadala ePhentekoste.

131 Futhi ngathi, "Awu. . ." Baxoxa ngomunye umfowethu owasungula isonto elikhulu futhi wathatha cishe konke ababenakho ethempelini, konke ayekwenzile nga*le*ndlela. Ngathi, "Awu, lokho kuwukuncoma okubi kakhulu ebandleni lapha, uma beya ngaleya ukuyokwakha isonto lesigidi samadola futhi benelilodwa eselivele lakhiwe lapha." Ngathi, "Izingane ezilambile zidla emgqonyeni kadoti, zilambile. Yilokho kuphela."

132 Futhi lapho sesiqala ukukhuluma ngakho, uDadewethu McPherson wasukuma wayesethi, "Rolf, lokho kuyiqiniso." Wathi, "Sitholeni lapha ngaphandle kwendlovu emhlophe eyisigidi samadola?"

133 Ngathi, "Uma ubungabuyela kuleloVangeli uNkk. McPherson alimela, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele namandla kaNkulunkulu esikhundleni sikaDokotela, Ph.D., LL.D., lonke lolohlobo lokuya esikoleni lapha. . ." Sidinga ukubuyela ePhentekoste, sibuyele eVangelini, sibuyele ebuholini bukaMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane. Phumani lapho futhi nibone labo bashumayeli besifazane, izinwele ezigundiwe zamfushane, zonke izinhlobo, niyazi ukuthi benza kanjani.

134 Uyazi ukuthi kwenzani na? Ngenyukela lapha ezweni ngolunye usuku, futhi angizange ngibone. . .Ngibone owesifazane ngapha eLos Angeles, mina, ngikhuphuka ngiyomkhulekela, ngacabanga ukuthi wayenochoko, kodwa ngangibone uchoko, kungabukeki kanjalo, kuluhlaza satshani ngaphansi kwamehlo nakho konke kanjalo. Ngi. . .Ini. . . angizange. . .Ngaqala ngahamba nganyuka ngase ngithi, "Nenekazi, ngiyisithunywa senkolo, ngilubonile uchoko, ngisibonile isifo sokudabuka kwesikhumba, Ngibone yonke into, angikaze ngiyibone into enjalo, ngingumfundisi, ungangivumela ngikukhulekele na?" Nakhu kukhuphuka elinye, libukeka njengalo futhi ngacabanga, "Awume kancane."

135 Kwakuyini na? Ngani, kuyihlazo! Mhlawumbe owesifazane obukeka kahle, kodwa uyazi ukuthi awufanele ubukeke njengomuntu ongajwayelekile, ukuthi *into ethile* yangaphambi komlando, *into ethile* evela kwenye indawo abayibiza ngeMars, ungongcwele kaNkulunkulu ozelwe ngokusha,

hlala ngendlela uNkulunkulu akwenza ngayo, kunjalo, abaningi balabo besifazane bePentecostal. Lapho owesifazane enza lokho, okungamanga ngaphandle, ingaphandle liveza kuphela okungaphakathi, kungamanga ngaphakathi. Unehlelo lamanga abambelele kulo esikhundleni se . . . UKristu ubefanele agcwalise impilo yakhe ngamandla okuvuka kwaKhe, esikhundleni salokho, uthathe isivumokholo esenziwe ngumuntu. Ingaphandle lihlala liveza okungaphakathi, isihlahla saziwa ngesithelo esisithelayo. O, he!

136 Ngiyazi ukuthi ungase ucabange ukuthi ngingogxekayo, kodwa angisiye ogxekayo, ngizama ukukutshela okuyiqiniso. Bukani ukuthi kuwafikisephi amabandla ethu namuhla, bukani lapho esikhona. Ngani, omama bethu bebengeke bayicabange into enjalo, abafowethu bebengeke bayicabange into efana nenhlangano. Kungani ku . . . Ubuyele emuva lapho ezinsukwini zakhe zokuqala futhi washo okuthize ngalokho, bazohleka ebusweni bakho, siyothi, "siphuma kulobobuhlanzo, siphuma kulokho kuzibhixa, uNkulunkulu wasibizela ngaphandle."

137 Asifuni ukuphindela emuva, njengo-Israyeli, siye ezitsheni zenyama zaseGibithe, UNkulunkulu wasikhipha kukho, kodwa kade sifuna ukubuyela emuva. Sabuyela emuva, ungakubona esinakho, into efanayo abayiyo, ibhodwe alikwazi ukubiza iketela ngokuthi limnyama. Kunjalo. Isithupha kokukodwa nengxenye yeshumi nambili kokunye. Izivumokholo nezinto zisihlukanisile nje. Kodwa mfowethu, o, bengingabambelela kulokhu isikhathi eside, kodwa asingakwenzi. Ake ngikutshele indaba eyodwa enhle: Lona ngunyaka weJubili. Uma uxoveke kulolo hlobo lwezinto, masibuye, sineFa.

138 Obaba bePhentekoste balwela ukuzuza umklomelo, futhi badabula ezilwandle ezinegazi, masingahambi lombhede wezimbali olula ngokujoyina inhlangano ethile, futhi sihlala phansi, sithi, "Makabongwe uNkulunkulu, ngiyiPentecost."

139 Masithole isehlakalo, masibuyele kuNkulunkulu, masibuyele eKudleni kokhozi, masibuyele ebuholini bukaMoya oNgcwele, masibuyele eZwini likaNkulunkulu, masibuyele ekuzileni-futhi-sikhuleke.

140 Ngani, ibandla lakhohlwa imihlangano yasemgwaqeni kudala, ibandla lakhohlwa ubusuku balo obude bomkhuleko. Ngani, abasakwazi ukukhuleka imizuzu eyishumi nanhlanu, o, he, futhi lapho lenza, yinto ethize encane engokokugcina umthetho ngamehlo, ingxenye yabo iyalala. Ngani, yi—yi—yihlazo! Izinkukhu zizama ukudla uKudla kokhozi, awukwazi ukukwenza, angeke zikugaye. Kunjalo. Awakhelwe Khona, awakhelwe ingxenye emahhadlahhadla, ufanele wakhiwe ngendlela emahhadlahhadla, futhi indlela kuphela ongake uthole ngayo lokho ngukuzalwa ngokusha futhi ugugule indlela

yakho futhi ubuye. Amen. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane, sekuyisikhathi sokubuya.

"Ubuyele kwini, Mfowethu Branham na? Ngibuyele enhlanganweni engiphuma kuyo na?"

Qhabo, buyela eFeni lakho, iFa uBaba wethu asishiyela lona.

"Yena wenza kanjani . . . Hlobo luni lweFa Alishiya na?"

"Lindani, emzini waseJerusalema nize nembathiswe aMandla avela Phezulu." IFa lelo.

141 Hhayi, "Hamba, ujoyine *lena*, futhi uhambe ujoyine *leyo*, hambe ujoyine *lena*." Linda kuze kufike aMandla avela Phezulu. "Isikhathi eside kangakanani na?" Kuze kube. "Usuku olulodwa na? Izinsuku ezimbili na?" Linda kuze kube. Ungathathi amadlingozi amancane, ukukhungatheka okuncane, linda lapho uze ufe futhi ungcwatshwe futhi uzalwe ngokusha kuKristu Jesu, futhi konke ukugquma komthambo kwempilo yakho kushaye kuveze uJesu Kristu, uze ubone ukuPhila kukaKristu kubonakaliswa ekuphileni kwakho—kwakho, indlela ohamba ngayo, yebo, mnumzane, uze ukwazi ukuthola lawoMandla njengoba babenawo emuva lapho ekuqaleni.

142 Emuva eFeni lePentecostal. Yebo, mnumzane. Lokho kuyiMpahla yakho, ihlelo alisily impahla yakho, iPhentekoste liyimpahla yakho, hhayi inhlangano yePentecostal, oyihlo baphuma entweni enjalo, iSehlakalo sasePentecostal siyiMpahla yakho. Asizihlole. Ukukhala kweCilongo, "Hlobo luni lweCilongo na?" IZwi, iCilongo likaNkulunkulu, uMoya oNgcwele eZwini.

O, imbongi yakusho kahle ngempela lapho ithi:

> Izizwe ziyahlakazeka, U-Israyeli uyaphaphaa,
> Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
> Buyani, O bahlakazekile niye kwabakini.
>
> Usuku lokuhlengwa luseduze.
> Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba;
> Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,

143 Namuhla, sinabashumayeli, ngokwenkambo elungileyo, abafundile, izifundiswa ezinhle, abaxoshiwe, abakwazi ukuma futhi bangalokothi banyakaze, bangalokothi bahliphize izinwele, bangalokothi bajuluke ngisho neconsi, futhi nje bame lapho futhi bakhulume, futhi, o, banikeze izindatshana zebandla nakho konke kahle kakhulu imizuzu eyishumi nanhlanu ngenkathi usalele, qhubeke ubuyela ekhaya, futhi nizibiza ngamaPentecostal.

144 Mfowethu, sidinga umshumayeli omdala omahhadlahhadla wasemahlathini ozophuma egqoke ipheya lama-ovaloli

futhi ashaye ipulpiti (Haleluya!), egcotshwe ngamandla kaNkulunkulu, angeke ashumayele imizuzu emihlanu kuze kube uMoya uthathe ibandla, futhi sebuhambile ubusuku bonke phezulu ezindaweni zasemazulwini, izinkozi, aziyikucothoza ezintweni zasesibuyeni, zikhuphukela ezindaweni zasemazulwini ukuze zithole uKudla kwazo.

145 Ukukhala kwecilongo, yebo, mnumzane, buyani, bahlakazekileyo. Kodwa uma wathengisa ngefa lakho, uma wathengisa futhi wenza lezizinto (Ngithini na? Buyela emuva!) uma uzihlanganise nehlelo elithile elizama ukukuvimba ekuhlanganyeleni nabanye abazalwane, shiya into, leli yijubili. Amen. Ngizizwa nginokukholwa. Buyela. Buyela! Leli yijubili, ungalivumeli lidlule. Khumbula: Ungalivumeli lidlule. Uma uthengisile, uma uphumele ezweni, uma wonile, bewazi ukuthi wake waba nesehlakalo, wahamba futhi wajoyina lapho ongeke wahlanganyela khona nabo bonke abanye, wenze zonke lezizinto, Angikhathali ukuthi wenzeni, uma uyindodana, unelungelo lokubuya manje ngoba yijubili, yisikhathi sejubili.

146 Kodwa uma uzinzile emuva wangena ogangeni ndawondawo, wabhala phansi igama lakho futhi wagxilisa okwehange, wathole konke *kwenziwe inkukhu*, akuzukuba bikho okuningi okuzokwenzeka kuwe, ngoba awusoze wakuzwa. Uzophuma bese uthi, "Awu, ngicabanga ukuthi bekulungile, ngike ngakuzwa lokho ngaphambili." Niyabo? Hamba uye ekhaya, ukulalise, uvuke ngakusasa ekuseni; kodwa ukuphenduka awukulalisi, IZwi likaNkulunkulu, ungeke walithintitha, uma ulukhozi, ubambe okuthize.

147 Lokhu kuzwakala kuwukuthuka ngokugcwele, futhi ngiyethemba ukuthi ku . . . angikuqondile ngaleyondlela kuwe, kodwa a—angiqondile mina uqobo. Njengomlimi owabeka isikhukhukazi, wayene, wayengena, awu, wayenamaqanda anele ukusibeka, sintula elilodwa, wabeka iqanda lokhozi ngaphansi kwaso. Ngenkathi lolokhozi oluncane luzalwa, kwakuyinto ebukeka ihlekisa kunakho konke phakathi kwalezozinkukhu owake wayibona, iyinyoni eyinqaba impela. Ngakho yena . . . Isikhukhukazi esidala sasikhala futhi sidle, futhi cishe impela noma yini, nalowomfo omncane, lokho kwakungesikho ukudla kwakhe, wavele—wavele wangakwazi ukukumela. Futhi wayekuzwa lokho kukukuza, isikhukhukazi. Kusho ukuthini lokho na? "Sinokudla kwakusihlwa kophaya, inhlaliswano, imidanso, imidlalo yokuwaka ibanco." Niyabo? Lulukhozi, alukwazanga nje ukuyiqonda leyonto.

148 Ngolunye usuku, umama omdala, eluzingela, kufanele ukuthi kwakunguNyaka weJubili kumfo omncane, kwafika umama omdala futhi wamemeza kakhulu, lwabheka phezulu, lwathi, "Lokho kuzwakala kahle." Lwezwa okuthile.

Wathi, "Ndodana, awuyona inkukhu, ulukhozi, phuma kukho."

Lwathi, "Mama, ngingaphuma kanjani na?"

149 Wathi, "Vele ubhakuzise amaphiko akho, lokho kungukukhululwa kwakho okuphiwe nguNkulunkulu. Uzalwa ulukhozi, unefa. Khuphukela phezulu, phuma kuleyonto. Buyela emuva!"

150 Lwabhakuza kane noma kahlanu, futhi lapho selwenzile, lwahlala phansi ngqo esigxotsheni egcekeni, khona kanye phakathi nenhlangano yePentecostal. Wathi, "Ndodana, uzofanele ugxume ngaphezu kwalokho noma angikwazi ukukuthola." Ukugxuma okulandelayo lathi cababa emaphikweni kamama walo futhi laya ezindaweni zasemazulwini. Lolo ubizo losuku, mfowethu. Buyela emuva. Anizona izinkukhu, niyizikhozi. Buyelani emuva. Yebo, mnumzane. Manje, siyazi ukuthi kuyiqiniso.

151 Manje, iCilongo liyakhala, Liyakhala, lona unyaka wamashumi amahlanu. Nizwile ngalokhokho omdala kulokhu ukusa nangalemilayezo ukuthi bekuyini. Ngiyanitshela kulobubusuku ukuthi isithembiso simanje, asibuyele emuva. UPawulu wathi eZenzweni, futhi qhabo, kwabaseKorinte bokuQala 14:8, "Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani ongazilungiselela na?"

152 Sinamadoda amakhulu anqamula umhlaba namuhla, wonke amabandla ezihlela ndawonye njengomshini omkhulu wepolitiki, abantu baphuma njengombuso othile omkhulu, beza kuwo, futhi into yokuqala niyazi, amaMethodisti athatha ababo futhi ahambe nga*leyo*ndlela, namaBaptisti athatha awabo futhi ahambe nga*leyo*ndlela, futhi omunye akazi ukuthi omunye wenzani.

153 Umusa bakithi, akusikho lokho. Icilongo linikeza umsindo ongaqondakaliyo, "Woza, ujoyine lesi sivumokholo, woza, ujoyine lesosivumokholo," neBhayibheli lisho enye into ethile. Yebo, mnumzane, uma icilongo lingawunikezi umsindo othile, awukwazi, awazi ukuthi yini okufanele uzilungiselele yona.

154 Kodwa lapho ubona iCilongo likaNkulunkulu likhala iZwi likaNkulunkulu, noNkulunkulu eLiqinisekisa ngezibonakaliso nezimanga njengoba Athi Uyokwenza, kunjalo. Futhi uma icilongo linikeza ukukhala okungaqondakaliyo, uKaputeni oMkhulu ngeke aluqinisekise ubizo. O, mfowethu, lokho kwakuyisisu esigcwele! UKaputeni oMkhulu ngeke aluqinisekise ubizo. Ngokuba wathi kuMarku 16, "Izwe lonke; nalezizibonakaliso zizakubalandela abakholwayo." Lowo nguKapteni oMkhulu. "NgeGama laMi bayokhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha." Haleluya! Yilolo ubizo. UKapteni wathi, "Ngizobaqinisekisa ngalokhu." Washo futhi kuJohane 14:12, uKapteni oMkhulu wathi, "Okholwa yiMi,"

hhayi lowo othi uyakholwa, "okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Amen. Lowo ngumsindo oqondakalayo.

Wathi ku...LawomaJuda, wathi, "Ngani, ungumuntu uzenza uNkulunkulu."

155 Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi khonake ningaNgikholwa." Amen! Masibe nakho, siyibandla. Udumo! Kunjalo. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

156 Phezulu naphansi e-Louisiana ngekalishi, kuma T-Model Ford amadala anamathayi asongwe ngocingo eliwumucu lokubiya, bahamba oyihlo beshumayela lokho, ngokumelene nalezizimfundiso-ze enizengezile kukho. Phumani kukho. Buyelani. Buyani. Phendukani. Buyelani emuva lapho nivela khona, lona unyaka wejubili. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Yebo, mnumzane.

157 O, ake ngisho lokhu! Lokhu kuyaqoshwa, ngiyazi. Nina bandla elicebile laseLawodikeya, lathi, "Kangidingi lutho." Uyazi iBhayibheli lathi uyoba ngaleyondlela, lathi, "Usivivi."

158 O, wena uthi, "Siyamemeza sidumise uNkulunkulu." O, yebo, u-Israyeli wenza okufanayo, futhi wenza iphutha elibi kakhulu, futhi lokho akusikho. Ngiqonde lokho kushisekela uNkulunkulu, akukho okungakuvimba. Bukani lawomaHeberu 11 lapho lapho nje ukunqekuzisa ikhanda okukodwa kwalabokhokho abavela kuNkulunkulu, banqoba imibuso, basebenza ukulunga, bamisa umlomo wengonyama, futhi baphunyuka emlilweni, nezinto abazenza ngokukholwa ngokunqekuzisa ikhanda kanye nje okuvela kuNkulunkulu.

159 Namuhla uNkulunkulu angathumela umshumayeli futhi alibethele leloZwi ngamandla akhe onke, futhi siyolala, sivuke futhi siphume. Akumangalisi ukuthi nibiyelwe ngezingange phakathi, ibandla linjalo. ngi...Ngiyazi lokhu kuyaqoshwa, kuya ezindaweni eziyinqwana, niyabo, lokhu, kuya emhlabeni wonke, ngoba sinokudayiswa kwamateyipu ngokuphelele emhlabeni jikelele, kuya kwimishini emasimini angaphandle.

160 Futhi ngisho bonke. Yebo, mnumzane. Buyani. Lesi yisikhathi sokubuyela ngenkathi kufika ubizo. Yebo, mnumzane, lezizibonakaliso ziyakulandela amadodana, hhayi izingqila, hhayi izigqila, hhayi izinceku, kodwa amadodana. "Lezi zibonakaliso ziyakulandela abakholwayo; futhi akekho ongabiza uJesu ngokuthi uKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele." Kunjalo. Ungase uthi uyakwenza, kodwa uMoya oNgcwele uzofanele akuqinisekise futhi akufakazise. Yebo, mnumzane.

161 O, iLawodikeya ecebile enebandla ngaphandle, uKristu engaphandle kwebandla, njalo, engqongqoza, ezama ukungena, wathi, "Ngicebile futhi angidingi lutho."

162 Impela, nikhuphuka ngqo namaMethodisti namaBaptisti, nibedlule ngobuningi, kodwa aphi lawomandla kaNkulunkulu ehla eminyakeni engamashumi amahlanu edlule na? Iphi leyo ntshiseko eyayivutha ezinhliziyweni zalabo bantu ababehamba kujantshi wesitimela futhi bacosha ummbila bawugxoba lapho ukuletha iVangeli na? Sibenza baphenduke emathuneni abo. Siletha ihlazo kobaba nomama bethu abalwela ukuzuza umklomelo. Futhi lapha *siphila ngokunethezeka* ngapha ngokwehlelo...Ingabe sengisho okwanele ukuze nginenze niqonde, ukubuya?

163 UNkulunkulu wakhipha iBandla laKhe elikhethiwe kulawomahlelo eminyakeni engamashumi amahlanu edlule. Nkulunkulu, khipha leyonsali! Leli yijubili, Uyabiza futhi. Buya, jubili! Eminyakeni engamashumi amahlanu edlule uNkulunkulu wabakhipha kukho, futhi kulobubusuku Uzama ukukwenza futhi. Sizoqhubeka kusasa ebusuku, sekuyikota lishayile. Asikhothamise amakhanda ethu.

> Izizwe ziyehlukana, (UKristu ukuyo yonke indawo.) U-Israyeli uyaphaphama, (Uyisizwe sakhe uqobo, unemali yakhe uqobo, ibutho lakhe uqobo, ukwiNhlangano yeZizwe.)
> Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo, (Amabhomu e-athomu nakho konke.)
> O, buya, O bahlakazekileyo kwababakini. (Lo ngunyaka wejubili.)
>
> Usuku lokuhlengwa seluseduze,
> Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba;
> Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
> Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

164 "Buyani. Buyani." UMoya oNgcwele uyakhala, "Buyani!" Ngingacabanga ngenkathi uJesu ebuka ngaphandle phezu kweJerusalema futhi Wakhala izinyembezi, Wayelithanda, futhi babeMlahlile. Futhi indoda egcwaliswe ngoMoya kulobubusuku ingabuka ngaphandle phezu kwebandla futhi ibone abantu obekufanele bakhanye ngamandla akhazimulayo kaNkulunkulu, noMoya oNgcwele ngaphakathi enhliziyweni yakho ukhala izinyembezi zokuzisola. Senzeni na?

165 UNkulunkulu wasibiza, obaba bethu ngaphandle eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, futhi sabuyela emuva. Futhi niyabona ukuthi kusibekephi: isigejane esiyihlazo ngaphansi kwegama lePhentekoste, abantu ababhemayo, abaphuzayo, abashade kathathu noma kane, abesifazane

abagunda izinwele zabo, abazipendayo, abasebenzisa ezabo . . . izikhindi, bagqoke izingubo ezingenasimilo, yonke into, bazibiza ngodade bePentecostal. Yeka ihlazo eGameni likaKristu! Yeka ihlazo phezu kweBandla laKhe! Akumangalisi Ethi amagama enhlamba atholakala eBabiloni, inhlangano, ukudideka, konke konakele, zonke izinhlobo zalokhu, lokho, nokunye. Uphi uKristu kuyo yonke into na? Buyani bantu.

166 Ngiyamangala kulobubusuku, ngenkathi sisakhothamise amakhanda ethu, abantu bakholwa ukuthi leli yiqiniso, ukuthi besifanele sibuye ngalelijubili, wubizo lukaNkulunkulu lokugcina eBandleni laKhe, uma wenza, phakamisa izandla zakho kuNkulunkulu bese uthi, “Nkulunkulu, ngifuna ukuza,” vele uphakamise isandla sakho, uthi, “Ngiyakukholwa, ngiyakukholwa,” zonke izinkozi manje ezaziyo futhi ezikholwayo.

167 Baba wethu waseZulwini, Uyazibona lezi zandla, okungenani ingxenye yalezi zethameli noma ngaphezulu ziphakamise izandla zazo, futhi ziyazi ukuthi kuyiqiniso. Nkulunkulu waseZulwini, thumela uMoya oNgcwele, Nkosi. Ngibona amahora eba mnyama, nenhliziyo yamadoda ziyakhula, zibhixeka zibande futhi zigcina umthetho ngamehlo, amabandla asehambile, kodwa abazi ukuthi yini leyontshisekelo nothando namandla ababekwazi eminyakeni engamashumi amahlanu edlule emnyakazweni wePentecostal, bazenzele imigede emincane, bazenzele izingange zabazungeza, futhi ngeke baphume ngejubili, akuzange kube njalo.

168 Futhi Nkulunkulu, Wena unguNkulunkulu ongaguquki, UZigcina unjalo ngaso sonke isikhathi, imiyalo yaKho ingeguqulwe, sonke isinqumo siphelele, ngakho-ke, akudingekile ukuba siguqulwe, siphelele, SiyiZwi laKho. Makube njalo kulobubusuku, Nkosi, makube ukuthi inceku yaKho, yonke indawo, amadoda amaningi asaba uNkulunkulu, Nkosi, ami ngalezi zinsuku ezweni lonke, beshumayela, “Buyani, buyani.” Ubuso babo bukhophozela ngokuphoxeka lapho abefundisi abavakashile bengena ebandleni futhi babone abesifazane nabesilisa nendlela abenza ngayo nabaziphatha ngayo, na—nabefundisi abagcwaliswe ngoMoya, futhi bayazi, ubuso babo buyakhophozela. Yini abangayenza na? Uma besho noma yini ngakho, leyonqubo yenhlangano iyabakhipha.

169 O Nkulunkulu, zikhiphe lezozinkozi lapho, Nkosi, zikhiphe kuleso sibiyelo, leli yijubili, bakhiphele enkululekweni nakuMoya oNgcwele. Mabame, baphile noma bafe. Okhokho bethu baphuma kumaMethodisti, amaBaptisti, namaLuthela, kwase kuthi isizukulwane ngesizukulwane lapho bezihlela khona, bathengisa. Wabiza izinkozi zaKho kulelohhoko, kulesosibuya, Nkosi Nkulunkulu, Wena unguNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, biza futhi, Nkosi. Yisikhathi sejubili.

170 Siphe, Baba waseZulwini, ukuthi ngaphambi kokuba leliviki liphele ukuthi sizobona amandla kaNkulunkulu ebuyisela futhi izibonakaliso ezinkulu nezimanga, makuthi abagulayo bangaphulukiswa, abakhubazekile bahambe, makuthi izinyonga zihambe, izimpumputhe zibone, izithulu zizwe, abafileyo bavuswe, futhi amandla kaNkulunkulu abonakaliswe ezinhliziyweni. Siphe khona.

171 Qala imvuselelo futhi, Nkosi, khipha abantu kulezizinto ezibandayo zokugcina umthetho ngamehlo abazenzayo, badlale umculo omncane futhi basine, babiza uMoya, ngesigqi somculo. O Nkulunkulu, ongcwele kaNkulunkulu angasina ehla enyuka emigwaqweni, noma endlini yokuphuzela utshwala, noma kuphi ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu lapho esina ngoMoya, futhi amemeze futhi adumise uNkulunkulu. Bona . . . Kubenza baphile ngokwehlukile ngaphandle, Nkosi, nebandla laKho liveza okungaphakathi kulo, okungenalutho, okungajulile, isivumokholo, ihlelo, kudliwe kuphela, kudlekile, ukonakala kuyo yonke indawo kukho, yisilonda esibolile, impela.

172 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzowemukela umnikelo wami kulobubusuku njengoba ngiwubeka phezu kwe-altare legolide elinoMhlatshelo, uKristu, Owafundisa iZwi. Futhi ngiyabiza kulobubusuku, Nkosi, makuthi uMoya waKho ubuyise ibandla futhi. Siphe khona, Baba. Nginikela lamazwi kuWe eGameni likaJesu Kristu. Nginikela laba . . . ibandla kuWe, nginikela leliqembu labantu kuWe. O Nkosi Nkulunkulu, senzele okuthize, ngiyakhuleka, yizwa umkhuleko wenceku yaKho. Siphe khona, Nkosi. Ngikucela ngobuqotho ngayo yonke inhliziyo yami eGameni likaJesu Kristu. Amen.

173 NiyaMthanda na? NiyaMkholwa na? Niyakholwa ukuthi yihora lokubuya na? Sesileyithi kakhulu ukuqala inkonzo yokuphulukisa manje. Sizoyibamba kusasa ebusuku. Sekuleyithi kakhulu. Ngifuna ukubambelela kulokhu isikhashana.

174 Ucabanga ukuthi ngiyahlanya na? Angihlanyi. Angikho besi- . . . Ngikwazi kahle engikhuluma ngakho, ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. Ibandla libole kwaze kwayofika emnyombweni. Kunjalo. Lidinga ukuzalwa ngokusha, lidinga ukubuyela eFeni lalo, lidinga ukubuyela ePhentekoste, lidinga ukubuyela ko*kuthile*.

O, wena uthi, "NgiyiPhentekoste."

175 O, mfowethu, nginamahloni ukuzibiza ngePhentekoste, hhayi ngenxa yegama elingcwele lePhentekoste, kodwa ngenxa yokuthi ngingahluka. Ngifuna ukunikela ngokuphila kwami uqobo, ngifuna ukuzibeka e-altare likaNkulunkulu futhi ngithi, "Nkosi, ngishaye, futhi ungibumbe, futhi ungithathe ngize ngehluke kulokho engiyikho manje, ngenze owaKho futhi ungihole, Nkosi. Ngiholwe ngumuntu kakhulu kakhulu,

ngifuna ukuholwa uMoya kaNkulunkulu. Ngiyavuma, leli yiPhentekoste, ngifuna ukubuya futhi ukubona imvuselelo." Amen.

176 Niyakukholwa lokho na? Masiphakamise izandla zethu futhi sicule, *Ng'yaMthanda*. Sipheni indlela, bodade, uma nithanda manje. Kulungile, wonke umuntu phakamisa izandla zakho futhi ucule ngalolonke iphimbo lakho, *Ng'yamthanda*, futhi lapho senza kanjalo, masisukume ngezinyawo zethu. Sonke kanye kanye manje, zwakalisa ukuthi uyaMthanda, asibe ngamaPentecostal angempela.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

177 Manje, asilihamishe. Manje, kukhona iMethodisti emi eduze kwakho, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, asixhawulane omunye nomunye futhi sithi, "UNkulunkulu akubusise, Mfowethu, asibuyele." Asikushosho lokho lapho siphenduka, xhawula wonke umuntu olapha.

> Ng'ya . . .

178 Asikusho kanye kanye: "Masibuyele! Masibuyele! Masibuyele! Masibuyele!" UMfowethu Holstein wathi, "Ushumayele u-Azusa Street impela." Amen! Masibuyele!

> Ng'yaMthanda, (Asiphakamise izandla zethu.) Ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

IGazi likaJesu Kristu:

> O, kuyigugu lokho kugeleza,
> Okungenza ngibe mhlophe njengeqhwa;
> Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
> Lutho kodwa iGazi likaJesu.

Angazi-nhlangano, angikweleti lutho. Kodwa ngikweleta konke kuYe.

> UJesu wakhokha konke.
> Ngikweleta Yena konke;
> Isono sasishiye ibala elibomvu:
> Waligeza laba mhlophe njengeqhwa.

> Ng'yaMthanda, (AsiMdumise nje njengoba siphakamisa ezethu . . .) Ng'yamthanda, (NgiyaKubonga Baba, ngiyaKubonga.)
> (Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzo—ukuthi Uzothumela uMoya wakho oNgcwele.) . . . thanda . . . (O Nkulunkulu, sibuyisele emuva,

Nkosi, kuleso Sehlakalo, uthulule uMoya oNgcwele, phezu kwethu.)
. . . ng'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

179 Ngenkathi umculo usaqhubeka, asivele siphakamise izandla zethu. MasiMthande nje, masiMdumise nje. Masikhuleke ngendlela engeyethu uqobo, ukhuleke ngendlela owenza ngayo ebandleni. Bonke abafuna umbhaphathizo omusha aphakamise, xhawulanani emuva naphambili, "Ngifuna umbhaphathizo omusha Nkosi." O Nkulunkulu! Makabongwe uJesu! Nkulunkulu, thumela uMoya oNgcwele phezu kwethu. Sibuyisele emuva, Nkosi, kulezo zehlakalo futhi, sithethelele iziphambeko zethu, Nkosi, futhi usisize ukuba sifinyelele kulolulwazi lwamandla neqiniso leVangeli. Siphe khona, Nkosi.

. . . insindiso
Emthini waseKalvari.

180 Khona lapho omi khona, ngendlela yakho uqobo ngqo, khona lapho omi khona, dumisa uNkulunkulu nje, uthi, "Nkulunkulu, ngizokwemukela khona manje, ngiyaKwethembisa khona manje, ukuthi ngeke ngidedele kuze kube umphefumulo wami ubuyela kulolohlobo lwesehlakalo." Bangaki abazokwenza lokho nami? Phakamisa isandla sakho. "Ngeke ngidedele, ngizobambelela e-altare."

Ng'yaMthanda, ng'ya . . . ("Ngizokhuleka! Ngizokhuleka! Ngizokwenza noma yini, Nkosi, ngibuyisele e—ngibuyisele esikweni lami, ngibuyisele endaweni yami yangempela futhi.")

. . . mina (Makabongwe uNkulunkulu!)
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

181 O! Malibongwe iGama leNkosi. O Nkulunkulu, thumela amandla aKhe. Thumela abaprofethi baKho, Nkosi, bathumele neZwi, ungabavumeli baxegise entweni. Thumela emuva eBhayibhelini, babuyele kuMoya oNgcwele, babuyele ekushisekeleni; vusa iBandla elingenabala nambimbi, Wakwethembisa, Nkosi, wakuthembisa, siyaKukholwa. Nginxusela ngamunye wethu, Nkosi, nami uqobo. Kuthumele, O Nkosi. Thumela amandla khona manje, gcwalisa yonke inhliziyo. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosithumela lokho esikudingayo, Nkosi, oWakuthulula eminyakeni engamashumi amahlanu edlule lapha kulesisifunda. Kuthulule futhi, O Nkosi Nkulunkulu, gcwalisa izitsha zakho, futhi uthulule uthando lukaKristu ezinhliziyweni zethu, futhi usenze leloBandla esifanele sibe yilo, Nkosi, uthethelela izono zethu.

182 Siyabuya kulobubusuku, Nkosi, njengeqembu labantu, sibuya njengabantu nomuntu ngamunye, sibuyela esikweni

lethu, Nkosi, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nkulunkulu Somandla, Wakwethembisa, Lihloniphe, Nkosi, hlonipha iZwi laKho, ngiyakhuleka eGameni likaJesu.

> Ng'ya . . . (O Nkulunkulu, O Nkulunkulu, ubungcwele, ukulunga, isiko likaNkulunkulu, lidla ifa izindumiso zabantu baKhe.)
> . . . insindiso yami
> KowaseKalvari . . .

183 Ngenkathi nisamile, ngifuna laba okhokho abadala abathandekayo bokholo . . . Into ebengikhuluma ngayo, Mfowethu, yizinto nonke enazilwela iminyaka eminingi edlule.

[Umfowethu uthi, "Nakanjani."—Umhl.]

Ibandla belifanele libuyele kulokho, awusho, Mfowethu na?

["Siye sasuka e . . . Ukuze sisindise umnyakazo, sifanele sibuyele emuva."]

Amen.

["Sihambe ngendlela yawo wonke amanye amahlelo, bekukuhle kwasekuqaleni nje, kuyamangalisa, futhi isinyathelo ngesinyathelo baye bawela emaklashini emishini ebilokhu yenziwa ngobuhlakani bomuntu. Sifanele sibuyele kuMoya, sifanele sibuyele emuva."]

Yizwa ukukhala kwalowo ongcwele othandekayo osekhulile enhliziyweni yakhe nezinyembezi zigeleza zehla ebusweni bakhe, yena uyazi ukuthi kukhona imiphefumulo elindile ngapesheya kwe-altare ngaleya.

184 UJesu uzofika ngelinye ilanga. Ngethemba futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzovusa amadoda, lapha, nabesifazane abazobuyela emuva, abazobuyela emuva naphezu kwakho konke. Buyela emuva! Ijubili! Phuma kulezizakhi-mshini, awusoze wazuzela uNkulunkulu lutho lapho, ukuzuzela inhlangano kuphela. Asiphume futhi sizuzele uNkulunkulu, futhi ungakwenza kuphela ngeZakhi-mishini zaKhe, uMoya oNgcwele, YiLokho esanikezwa khona. UNkulunkulu anibusise.

